# *INgxabano Phakathi kukaNkulunkulu NoSathane*

Ukuzwa lamaculo amnandi, ngilalele ibandla liwacula, futhi ngicabanga ngezikhathi ezindala, nokuqalaza ngibona ubuso ekade ngagcina ukububona, futhi lapho kukhona okuthize nje ngakho, lokho kungokwangempela, ukubuyela ebandleni. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuhle. Bengithe nje esikhathini esedlule . . .

2 Umngane omdala engingakamboni, o, ukumvayizela, ngiqagele, kodwa sekube yiminyaka selokhu ngahambisana naye; umfana, uJim Poole, sasivamise ukwehla senyuka naye, ngisengumfana. Futhi manje ubesezansi, ikhaya lami, esikhashaneni esedlule, okokuqala ukuba aze abe sendaweni yami selokhu saba, awu, selokhu ngaganwa.

3 NoNkk. Woods lapha ummemile, uyehla futhi asizwe sishumayela. Wathi, “Awu, ngangivame ukumuzwa ngaso sonke isikhathi.”

4 Futhi ngenkathi sisavamise ukuhamba ndawonye, sizingela, kanjalonjalo. Futhi si . . . akazange . . . Wayengakhulumi kangako, niyazi. Ngangikhuluma ngaso sonke isikhathi. Ngathi, “Akukho ongakusho na?”

Wathi, “Ngingakwenza kanjani na?” Kwakuba yimi nje ngaso sonke isikhathi owayehamba phambili.

5 Ngakho kubukeka sengathi kuwuhlobo obeluthi alube ngaleyondlela kimi. Kuwuhlobo lokuthatha isikhathi, ngenza okuningininingi ukukhuluma manje, ngakhe kungafinyeleli ndawo. Kodwa ngiyajabula, namhlanje, ukuthi sengiyishintshile indlela yami yokukhuluma kusukela kulezozinsuku, ngikhuluma ngeNkosi. NgiyaYithanda nje.

6 Kade ngikhuluma noMfowethu Ruddell, futhi ubengitshela lapho . . . (Ngiyabonga, Mfowethu Temple.) Bengikhuluma noMfowethu Ruddell. Futhi uyehla ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi wayekhuluma nami, futhi wangitshela amaphupho amathathu awaphuphayo. Futhi ngithole amabili awo. Ngalikhohlwa elinye. Ngangizama ukumtshela ukuthi laliyini. Kwakuyimi nginesibuko, ngizama ukubonisa okukuso, futhi ngithi, “Uyabona ukuthi uNkulunkulu ubukeka kanjani, njengoba nje sizibuka e—esibukweni.” Ubemuhle ngempela.

7 Mfowethu Creech, yindodakazi yakhe le eshaya upiyano na? Kunjalo na? Bengingazi noma lowo bekunguPatty. [Omunye uthi, “Bangemuva laphaya emsamo.”—Umhl.] Uphi uPatty?

Kanjani...He, bakithi! Patty. Ngiyakhumbula ngenkathi behlala ezansi lapho, awu, khona impela lapho behlala khona manje, kufana nje nalomfo ohlezi khona lapha. NoMary Jo use, ngiqagele, shadile. UJim ubemi lapho esikhashaneni esedlule. Umzukulu wakhe ubemi lapho, futhi nakhu kungena umzukulu wami. Ngathi, "Sesifanele impela sithole ikheyni yokudondolozela futhi sihlale phansi. Anicabangi kanjalo na?" [UMfowethu Branham nebandla bayahleka.]

8 Kodwa maje ngaphesheya koMfula, leyo yiNdawo enkulu. Yilapho esibheke khona. Futhi akusikho nje ngoba ngine... ngiyaguga, ukuthi ngicabanga ngalokho. Ngaqala ukukhuluma ngalokho ngenkathi nje ngisengomncane, umfo omncanyana, insizwa ngisemusha impela. Ngikholwa ukuthi kwakukhona izwe ndawo ndawo. Sihamba ngaleyoNdlela. Ngijabula kakhulu ngakho.

9 Niyazi, a—angikhulumi kakhulu kangako ukuthi lokho kufinyelela kunoma yini, ikakhulukazi uma ukhuluma nje.

10 Kodwa, izikhathi ezininginingi ngicosha enye into ethize lapha, ehambisana nokusemBhalweni. Kodwa ngezinye izikhathi iNkosi inginika okuthize, futhi nje kuvele kunamathele kimi kuthi angife uma ngithola into ethize enhle ngempela. Ngivele nje, o, kuvele nje kungenzele okuhle kakhulu. Sonke sizwa ngaleyondlela. Ngiyazi Mfowethu Neville, wena, nabazalwane lapha, Mfowethu Junior, nani nonke, nizwa ngendlela efanayo, uma nithola into ethize iNkosi enipha yona, futhi niyabona nje iyiyo ngempela ngempela.

11 Futhi ngobunye ubusuku, ngangishumayela, ngikholwa ukuthi kwakuyitabernakele, futhi ngashaya into ethize engenzele okunye okuhle kunanoma yini enye engake ngacabanga ngayo selokhu ngaphenduka. Nokuthi nga... Ngingakuphinda futhi, uma kulungile. Ngiyazi lapho enazi khona ukuthi ngiyaphi, kodwa, kwakuyilobo bufakazi obubonakalayo bensindiso. Niyabo? Ngi...Kwangishaya nje, futhi nga—ngakusho. Ngaya ekhaya, ngangena ekamelweni lami, futhi ngehla ngenyuka kwiphansi lendlu. Nga—nganginesincane nje, isikhathi esimnandi ngesingami uqobo, niyazi, lapho nje ngicabanga ngakho.

12 Futhi okwakuyikho. Ngingakwedlulisela kini okomzuzu nje. Ngangikhuluma ngokuthi, "Singabanikazi bayo yonke into. Yonke into ngeyethu." Bathi siyisigejane sabantu abahlanyayo, niyazi. Kodwa nokho, empeleni, konke kungokwethu. Niyabo? Niyabo? Futhi singahle...Yingalesosizathu siziphatha ngokuxakile kancane, niyabo, siyizindlalifa zezinto zonke. Niyabo?

13 Futhi bengicabanga, sinalo njengefa uthando, ukujabula, isibindi. Sinakho njengefa ukukholwa, nokubekezela, ubumnene, ukukhuthazela, ukuzithoba. Ubungeke ukuthenge

lokho nanganoma yiluphi uhlobo lwemali. Akunandaba, akukho . . . Yehla uyongithengela ukukhuthazela okubiza ikota. Niyabo? Nje ubungeke ukwenze. Futhi, kodwa nokho, uNkulunkulu usipha lokho. Sinakho njengefa lokho. Lokho kuyifa lethu. Futhi manje-ke sithengele ukukholwa okuncane. Besingavuma, sinikele ngakho konke ebesinakho, kokukholwa okuncane. Niyabo? Kodwa, kuphiwe thina, futhi yonke into ingesihle, ivela eNkosini. Akumangalisi lokho na?

14 Ngase-ke ngicabanga ngalokhu: lapho uIsrayeli, wake waba yisigqila, abantwana bakaNkulunkulu besebugqilini, ezansi eGibhithe. Manje, lelo kwakuyifa likaNkulunkulu, njengoba sinjalo namuhla. Bese-ke mhlawumbe balethelwe abazokudla, inqwatshana yezinkwa ezibunjiwe, bese siphoswa phandle, futhi noma yini abayitholayo. Babulale oyedwa, kufana nokubulala inja nje kumbe noma yini enye. Futhi babekulangazelele ukukhululwa lapho. Kwase kuyiminyaka engamakhulu amane bephakathi lapho.

15 Kwase kuthi ngoluny'usuku, ozayo egqishazela ephuma ehlane, kuza umprofethi, noku—kuKhanya kumlandela. Wayesebatshela, "Kukhona izwe elichichima ubisi nezinyosi, noNkulunkulu wayebanike lona." Futhi wenze izibonakaliso nezimanga, ukubabonisa ukuthi wayengesuye onguye-mbumbulu, into ethize yamanga, kodwa ngempela wayethunywe nguNkulunkulu ukuba athathe labobantu baye kulelozwe.

16 Manje kucabange. Abantwana babo, abashayeli bezigqila bayafika, uma babefuna ukubulala oyedwa, kwakulungile nje lokho. Kwakungashiwo lutho. Bahambe bafike bathathe indodakazi yakho ngale, ukuba benze umonakalo nje, ngani, kwakungashiwo lutho. Kungukuba nje ume lapho, futhi uyidedele ihambe. Uyabo? Umfana wakho, athi ukuthola . . . nje engasebenzanga kahle, futhi bafuna ukuyibulala ngenxa yakho. Bambulale, yilokho kuphela, kwakungashiwo lutho.

17 Kodwa manje batshelwa ukuthi sebeyaphuma kulobubugqila, futhi baya ezweni elichichima ubisi nezinyosi. Bangaba neplazi labo uqobo. Bangazifuyela izinto zabo uqobo, bondle abantwana babo uqobo, babathumele esikoleni, bahlale ngokuthula. Nezwe elikhulu, futhi ngelabo. Niyazi, leso kwakuyisithembiso esikhulu. Cabanga ukuthi lokho kwakuchaza uk'thini.

18 Awu, lomprofethi wenze izimangaliso eziningi kakhulu phakathi kwabo baze babona ukuthi—ukuthi wayengumuntu owayethunywe nguNkulunkulu ngempela. Awu, basho baphuma, baphuma bangena ehlane.

19 Futhi lapho sebewelele eKadeshi-barineya, manje, iKadeshi-barineya liyisihlalo sokwahlulela. Kwakungalolosuku, ezweni. IKadeshi-barineya, kwakuyindawo eyayiyisiphethu

esikhulukazi, neziningi iziphethu ezincane, imingenela emincane kulesisiphethu.

20 Awu, lapho babenendoda phakathi kwabo, iqhawe elikhulu, elalithiwa nguJoshuwa. UJoshuwa ngu "Jehova-Msindisi." NoJoshuwa wawelela ezweni lesithembiso.

21 Manje, khumbulani, akukho noyedwa wabo owayengakaze abekhona lapho. Babengazi noma izwe ngempela lalikhona noma qha. Bavele nje, ngokukholwa, bahamba ngalokho ababetshelwe khona, ukuthi uNkulunkulu wayenendawo yabo. Futhi babeya kuleyondawo, ngokukholwa nje. Manje cabangani ngalokho. Bashiya iGibhithe, noNkulunkulu wabakhipha, futhi manje sebesondela kulelozwe. Futhi uma besondela ezweni, uJoshuwa uwelela ezweni futhi ubuya nobufakazi obubonakalayo. Uwela iJordani, uwelela ePalastine, ubuya nobufakazi obubonakalayo, elikhulu ihlukuzo lamagrebhisi elithathe amadoda amabili ukuba alithwale. Futhi babewadla lawomagrebhisi. Futhi wathi, "Izwe liyikho impela uNkulunkulu athi laliyikho."

22 O, inkululeko enje pho okwakuyiyo, lapho ababengaya khona manje. Futhi base bengaba namaplazi abo uqobo, futhi bakhulise abantwana babo. Futhi babe ne... nezibusiso zikaNkulunkulu phezu kwabo, futhi bahlale ngokuthula. Kwakungekho-sigqila samuntu. Kanjani... Kodwa, ekugcineni, emva kokuba base behlale enhle impilo ende, ekugcineni badingeka ukuthi bafe, nokho bengabantwana bakaNkulunkulu. Kwaqhubeka unyaka nonyaka, belima ukudla kwabo, futhi benemindeni yabo, enhle impilo enokuthula, bese befa.

23 Kwase kuthi-ke, ngoluny'usuku, ezansi kuza iQhawe lawo onke, iNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi Yathi, "Kukhona iZwe lapho umuntu engafi khona. Ekhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi. Bekungenjalo, beNgiyakunitshela. Ngiya ukunilungisela indawo, futhi ngibuye ukuba nginemukele." Manje, UngumProfethi ozayo, ekhuluma ngeZwe ngapheseya nje komfula iJordani, ukufa. Lapho, ukuthi, ngisho noma ninamaplazi enu, ninayo imindeni yenu, nibusiswe nguNkulunkulu, kepha nokho nifanele nife. Kodwa, nokho, kukhona iZwe elingapheseya kwalokho, lapho ongafi khona. O, he!

24 Wase-ke Efika eKadeshi-barineya, eKalvari, isihlalo sokwahlulelwa, futhi. Lapho, inhlawulo yesono, eyabangela ukuba abantu bafe, kwahlangatshezwana nayo ekwahlulelweni, eKadeshi-barineya yaKhe. Wakhokha inhlawulo yesono, wafa; wawela iJordani, iJordani lokufa; wase evuka ngosuku lwesithathu, ebuya. Wayesethi, "Ngiphatheni, ithonga alinayo inyama namathambo njengaMi. Ninakho ukudla na?" U—Udla inhlanzi nesinkwa. Futhi Wayenabo izinsuku ezingamshumi

amane, efakazisa, njengoJoshuwa, ukuthi iZwe lalikhona. Ungubufakazi obubonakalayo beZwe lapho.

25 Manje, Wathi, "Bonke abazokholwa yilokhu, hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwayo uyakulahlwa."

26 Manje-ke, ngoSuku lwePentekoste, Wathumela emuva isibambiso saleNdawo, isiqiniseko, ubufakazi obubonakalayo ukuthi leliZwe likhona ngempela. NjengoJoshuwa nje wabuya nobufakazi obubonakalayo, uJesu waletha ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele.

27 Manje, sithi sifile. Simbelwe kanye naYe ngombhaphathizo, ekufeni kwaKhe.

28 Futhi sivuka naYe, ekuvukeni. Futhi manje sesiphakathi, vele, hhayi ukuthi sizongena. Sesivele sivukile. O, he! Sesingene manje, hhayi ukuthi siyongena, sesingene manje, kulobubusuku, sihlezi ezindaweni zaseZulwini (kanjani na?) kuKristu Jesu. Hhayi ukuthi siyongena, ngesinye isikhathi. Sesingene manje. IBandla aliqondi ukuthi lingobani. Niyabo? Sesingene manje, ngawo wona lomzuzu, (kanjani na?) kuKristu Jesu, sibuthene ndawonye kuYe, sesivele sivukile kwabafileyo. Imiphefumulo yethu wawungenakufa.

29 Manje asime umzuzu nje. Lapha, kwake kwathi, sasivame ukuqamba amanga, ukweba, ukukhohlisa, ukulwa, ukuthuka, konke okunye. Futhi manje-ke sasivuma sonke isono. Manje-ke sembelwa naYe ngombhaphathizo, futhi savuka naYe. Futhi uma sikhuphuka . . . "Phendukani, nibhaphathizwe yilowo nalowo eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa ubufakazi obubonakalayo," ubufakazi obubonakalayo baleliZwe. Bese kuthi-ke lowoMoya ofika phezu kwethu, kuyasikhuphula sisuke ekuqambeni amanga, ekwebeni, nayo yonke leyonto emuva lapho, futhi manje sivuke naYe, manje sihlezi naYe, phezulu *lapha* ezindaweni zaseZulwini. Imiphefumulo yethu isivele ilungele ngokoqobo.

30 Ngani, uWilliam Branham sekuyiminyaka engamashumi amathathu nento efile. Ngiba yisidalwa esisha. Lowomuntu omdala wafa. Ngabheka emuva lapho, ekhuluma lowomngane wami, ngalentambama, wathi, "Uyakhumbula ngenkathi sisavamise *ukuthi-nokuthi* na? Uyakhumbula siphosa lowomfana emanzini ngalobo busuku, ehona."

Ngathi, "Yebo. Bengingeke ngisakwenza lokho futhi." Niyabo?

31 "Uyakhumbula ngalesosikhathi sasizohloma lowophini kuleloxoxo, ngenkathi lithi 'gurr' kanjalo, na *lokho* na?"

"Yebo," ngathi, "ngiyakukhumbula lokho."

32 Nazo zonke lezizinto esizenzile! Ngacabanga, "Uyazi, lokho kungenkathi ngise—lokho kungenkathi ngise . . . Lokho kungenkathi ngangisengofileyo. Niyabo? Kodwa manje sengiyaphila." Niyabo? O, angisakwenzi lokho manje.

33 Sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, futhi manje sinesibambiso sensindiso yethu, inkokhelo yokuqala. Into ibiza amadola ayizinkulungwane eziyishumi. Futhi Usinika inkulungwane yokuqala. Niyabo? Lokhu ngokweshumi kokuqala, kwesibambiso sethu. Okungukuthi, sesivele sivukile esonweni nokungakholwa, sakhuphukela ekuvukeni noKristu. Futhi manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, nalobubufakazi obubonakalayo, njengoJoshuwa wabuya nabo. IZwe Lilapho, futhi sisendleleni yethu. Akusekho ukufa. Ngeke safa.

34 Bayakutshela, ngesinye isikhathi, "UMfowethu Branham wafa," ungakukholwa lokho. Ngani? UMfowethu Branham angeke afa. Niyabo? Kunjalo. Ngeke ngafa; sengivele ngifile. Manje, uWilliam Branham wafa kudala, cishe eminyakeni engamashumi amathathu eyedlula, noma ngaphezulu, cishe iminyaka engamashumi amathathu-nambili eyedlula. Sekube yiminyaka engamashumi amathathu-nambili ngishumayela, ngakho wafa ngisho ngaphambi kwalokho. Kodwa manje, lesi yisidalwa esisha.

35 URussell Creech, isidalwa esisha. Akasesuye lowomfana omncane, wayevamise ukwehla enyuka ezansi lapho, ezansi kwaseCorydon. UOrman Neville akasesuye lowomfana omncane ayevamise ukuba nguye. No—noMfowethu Ruddell akasesuye lowomfana omncane ayevamise ukuba nguye, niyazi. No—noMfowethu Jackson, bonke laba abanye, abasibo labo bafo. Nonke nina bafowethu nodadewethu, asisibo labobantu esasivame ukuba yibo. Siyi—siyizidalwa ezintsha, okusha okudaliweyo. Anidingi ukuba nikhathazeke ngakho. Sesivele siphezulu *lapha*. Bukani ukuthi sasikuphi. Bukani ukuthi sikuphi. "Okusha okudaliweyo kuKristu Jesu." O, he!

36 Manje, uyazi, Russell, ngizwa sengathi ngingacishe impela ngicule leloculo, lelo, njalo uma ngilizwa, ngicabanga ngawe noDadewethu Creech.

> Ngosuka ngindize, O udumo,
> Ngosuka ngindize ekuseni.

Yebo, mnumzane! Niyakhumbula sisavamise ukucula lelo na?

> Mhla ngifayo, haleluya, emva kwesikhashana,
> Ngosuka ngindize.

37 Ngiyalithanda lelo. Futhi lapho siqala ukuguga, nezinwele zijika ziba-mpunga, amahlombe eqhotha, lokho kusho okukhulu kithi kunanininini. Niyabo? Ngoba, umfanyana ubuka phambili: uzoganwa ngubani, uzobafundisa kanjani abantwana bakhe?

Futhi konke lokho sekwedlule, futhi nje usecishe ukwenzile-ke, niyabo, manje-ke usubhekene nokushona kwelanga.

38 Kodwa cabanga nje, mfowethu, akukho-lutho ngaphandle kwalokho esinakho. Sinothando. Sinenjabulo. Sinokuthula. SinokuPhila. Sino . . . Sinokufa njengefa. Kunjalo. IBhayibheli lathi sinakho. Sinokufa njengefa. Kungokwethu. Asisibo okwakho; kungokwethu.

Uthi, "Uzokwenzani ngokufa na?"

NjengoPawulu nje washo, ngenkathi efika engqongqotha emnyango. Wathi, "Ngabe Uze ukungiphelekezela ngiwelele ngaphesheya koMfula na?"

39 Nombhali wake wathi, "UNkulunkulu wahhuka ukufa ekalishaneni, futhi into kuphela okungayenza ngukukudonsela eBukhoneni bukaNkulunkulu." Yilokho kuphela. Ungeke wafa. Bavele nje bahintshela ukufa ekalishaneni, futhi into kuphela okuyenzayo ngukuthi kukudonsele phezulu ngqo eBukhononeni bukaNkulunkulu. Kuyimpaka nje, eza ukuzokudonsela uwelele ngaphesheya koMfula. Yilokho kuphela okuyikho. Ngakho akukho lutho olungasikhathaza, nhlobo.

40 UPawulu wathi, ngenkathi ukufa kuza kugingqika phansi ngalokhu, isikhathi sakhe, wathi, "O, kufa, luphi udosi lwakho na?"

Wathi, "Awu, ngizokuthatha ngikukhiphele ethuneni."

41 Wathi, "Manje-ke, thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Uphethwe yimina, nawe." Wase ejika-ke, wathi, "Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

Manje-ke, sinakho, Mfowethu Temple. Yikho. Sekuphelile.

42 Awu, uDadewethu Snelling wayevamise ukucula iculo elidala. Angiboni ukuthi noma yimuphi kini mhlawumbe niyamkhumbula uDadewethu Snelling. Ngangingale ethuneni lakhe ngoluny'usuku. Wayevamise ukucula ijubili lepentekoste elincane, ngokuthi:

Masiqhubeke, masiqhubeke,
Sikhulume ngaleNdlela endala enhle;
Masiqhubeke, masiqhubeke,
Sikhulume ngeNkosi.

Senake nalizwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Ngizizwa ngingcono kakhulu, ngikhuluma nje ngaleNdlela endala enhle.
Ngizizwa ngingcono kakhulu, ngikhuluma ngeNkosi.

43 Yilokho. Kulungile. Ake sikhulume kuYe umzuzu nje manje, ngezwi lomkhuleko, ngaphambi kokuba siqale phakathi, sifunde iZwi laKhe.

44 Sisakhothamise amakhanda ethu, namehlo ethu evaliwe, neminako yosuku yedlula manje. Sibuthene eGameni laKhe, naseBukhoneni baKhe. Bangabakhona yini abanye lapha abangakhumbula into eningathanda ukukhunjulwa phambi kukaNkulunkulu na? Phakamisa isandla sakho nje, futhi ngalokho, "Nkulunkulu, ngikhumbule nje."

45 Baba wethu waseZulwini, Nkulunkulu ongenasiphelo Owawazi, ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, ukuthi siyobe simi lapha kulobubusuku. Uzibonile lezozandla. Uyazi ukuthi yini esemva kwazo ngasinye, ukuthi yini elele ngaphansi kwenhliziyo lesosandla esiphakanyiswe ngale. Ngiyabakhulekela, Baba, ukuthi Uzophendula ngokwengcebo yaKho enkulu eNkazimulweni naMandla aKho.

46 SiyaKubonga ngalelibandla, ngomelusi walo, ibhodi yalo, abaphatheli balo, abadikoni, onke amalunga, nangayo yonke imiphefumulo leyo ehamba yehlele lapha eClarksville, izihambi, abafokazi, abasesibo abezwe. Bayeke zonke izinto zezwe, bathengisa ngakho konke ababenakho, futhi bathenga leliParele lenani elikhulu, iNkosi uJesu Osipha ukuPhila okuPhakade. SiyaKubonga ngaKho, Nkosi. SiyaKubonga ngalemiphefumulo eyigugu. Ngibakhulekela bonke.

47 Ngicabanga ngoMfowethu Jackson, ukuthi usebenze kanjani ngokuzikhandla futhi wzama, wazabalaza, ezama ukondla izimvu, nokwenza indawo yokuhlangana yezihambi ukuba zibuthanele kuyo, ebagcina bendawonye, belinde ukuFika kweNkosi; yena nomkakhe, nomndeni. Ohlezi lapha emva kwami, kulobubusuku, nguMfowethu Ruddell, naye futhi ubagcina bendawonye, kuze kuthi iqembu elincane lihamba lenyuka ngo 62. UMfowethu Neville, neqembu phezulu etabernakele, lihamba. Nabanye, Nkosi, okhona, lingahle libe lapha elivela kwezinye izindawo. Sibheke ukuFika kweNkosi.

48 Sithethelele, Nkosi, njengoba sibuthana manje ndawonye. Siza eGameni likaJesu, sazi ukuthi Wethembisa ukusizwa. "Noma yini esingayicela eGameni laKhe iyophiwa."

49 Futhi manje, kulobubusuku, njengoba sivula iBhayibheli, ukuba sihlephule singene esifundweni esincane, manje, asikho lapha ukuba sibukwe noma sizwiwe, njengabantu nje. Abantu abahlezi kulendlu, ukuba nje bathi, "Awu, ngiye esontweni kulobubusuku." Sibheke ukuvakashelwa nguWe, Nkosi. Sikulindele. "Abalinda eNkosini, bayohlumelela amandla abo." Futhi sicela Wena ukuba usihlephulele iSinkwa sokuPhila. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha amaZwi ambalwa, uwatshale ajule enhliziyweni. Qinisa labo, Nkosi, ababuthakathaka. Futhi unikeze injabulo kulabo abaqinile; isibindi kulabo abangenasibindi; impilo kulabo abagulayo; insindiso kulabo abalahlekile. Futhi sizokhothamisa

amakhanda ethu futhi sinike Wena udumo. Siyakucela, futhi sizinikela thina uqobo, neZwi, eGameni likaJesu. Amen.

50 Ngithanda ukukhunjulwa yilelibandla njengoba siqala ngeviki elizayo, manje, ohambweni ezizweni ezimbali, ukushumayela iVangeli. Nisikhulekele lapho sihambisana. Futhi ninabangane yonke indawo, niyalwazi uhlu lohambo, ukuza emhlanganweni, sizo . . . noma ningahle nize, singajabula ukuba nabo emhlanganweni.

51 Sizobe sinikhulekela nonke lapha, umelusi wenu nabanye abehlukile, ukugcina imililo yasekhaya ivutha manje size sikwazi ukubuya. Uma uJesu efika singakabuyi, siyohlangana nani ngalokho Kusa. Uma sinenye injongo ngaphandle kwaleyo, UNkulunkulu asithethelele.

52 Manje sifuna ukuphenya, okwamazwi ambalwa, kulobubusuku, aphuma eBhayibhelini, atholakala eNcwadini kaJoshuwa 24, ivesi 14 nevesi 15. Ngifuna ukufunda eZwini laKhe. Lalelisisani eZwini laKhe. UJoshuwa 24:14 nele 15.

> *Manje yesabani iNKOSI, niyikhonze ngobuqotho nangeqiniso: nisuse onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo phesheya komfula, naseGibhithe; niyikhonze iNKOSI.*
>
> *Uma kukubi emehlweni enu ukukhonza iNKOSI, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza; noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengapesheya komfula, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo: kepha mina nendlu yami, siyakuyikhonza iNKOSI.*

53 INkosi ayibusise ukufundwa kwemiBhalo yaYo! Nginamanye amanothi lapha engithanda nje ukukhuluma kancanyana kuwo. Futhi ngifuna ukuthatha indikimba kulobubusuku, ukuyibiza ngokuthi, ingxabano: *INgxabano Phakathi kukaNkulunkulu NoSathane*. Futhi manje ukuyifundisa nje njengesifundo sikaSonto sikole, ngokuba nginemiBhalo eminingana elele lapha.

54 E-Edene, uNkulunkulu wayesazi isitha saKhe nakho konke ukuhlasela kwesitha saKhe. Manje, uNkulunkulu unguNkulunkulu ongenasiphelo, futhi uNkulunkulu ongenasiphelo ungukuPhelela kweziphelelo. Wayazi izinto zonke ngaphambi kokuba zize zibekhona. Futhi ngakho-ke, uma loNkulunkulu ongenasiphelo wayeyobuka phambili (futhi wenza) futhi wabona ukuphela kusukela ekuqaleni, futhi wayazi ukuthi Uyoba nabantwana kulomhlaba, abantwana bakhe uqobo ababusisiweyo, anikholwa yini ukuthi Uyobahlinzeka ngokungangamandla aKhe onke ayengahlinzeka ngawo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

55 Ubungeke yini wena, kulobubusuku, kubantwana benu obekungabafo abancane abangakwazi ukuzinakekela, awuzabalazi yini, futhi usebenze, futhi wenze konke

ongakwenza, ukuhlinzeka ngokungcono kunakho onke ongakwenza, noma akwazi, ukuhlinzekela labobantwana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngoba ungubaba, umzali. Futhi uma lokho kuba i—i . . . bengizothini, u—ubuqiniso, nomcabango womzali wasemhlabeni. Nobuzali obasukela kuNkulunkulu, ngoba Waba nguMzali wokuqala. Anicabangi yini ukuthi uNkulunkulu, ebona ukuthi uSathane uyoba yini, ukuthi uSathane uyokwenzani, Wanika abantwana baKhe, futhi wabahlinzekela, into edlula konke ayengabahlinzeka ngayo na? Ukwazi ukuthi ukuhlasela kwesitha kwakuzoba yini, uNkulunkulu waqinisa abantwana baKhe. Niyabo?

56 Sithatha impi, uma ujenene ephuma ukuyodibana nomunye ujenene, empini. Nalojenene, uma engesangempela, isakhamuzi seqiniso salesisizwe asimeleyo . . . Futhi ngempela engaba nguye ngempela, ukuba abe ngujenene. Futhi yena, into yokuqala, uyakufundisisa ukuhlasela kwesitha. Uyazi ukuthi uzokwenzani, ukuthi uzosebenza kanjani, ngoba uthe ukuya ngale futhi wahlola.

57 Sinezinhloli ndawo zonke, niyazi. Kukhona izinhloli zaseMelika eNgilandi. Kukhona izinhloli zaseMelika eFransi. Kukhona izi Amer- . . . Nezinhloli zabo zaseJalimane lapha. Futhi kukhona . . . Akundaba ukuthi sinobungani obungakanani, sisenazo izinhloli. Futhi sihlola uhlobo oluthile lwesikhali se—senyukliya. Manje-ke siyakuthola, sikubuyisele ezweni. Manje-ke, okuyikho, bayalungiselela. Uma kufika impi, bayazi ukuthi sihlaselwa kanjani isitha sabo. Futhi uma sazi . . .

58 UNkulunkulu wayekwazi lokhu ukuhlasela okwakuza, phakathi kokuyikho nokungesikho, futhi Wayazi ukuthi isitha sasizokwenzani. Wayazi impela nje ukuthi bahlonyiswa kanjani abantu baKhe. Ngakho uma siqaphela, yona impela into yokuqala uNkulunkulu ayihlomisa abantwana baKhe . . . Engongenasiphelo, Wayazi ukuthi kwakuthathani ukwehlula uSathane, noma ngasiphi isikhathi, noma kuyiphi indawo, noma yikuphi, kunoma yiziphi izimo. Manje, Wayengeke athi, "Ngizobanika okuthize *lapha*, bese kuthi-ke eminyakeni embalwa kamuva, ngingahle ngifundisise into ethize engcono ukubanika, bese kuthi-ke emva kweminyaka embalwa kamuva."

59 Njengathi, kwezombutho wamasosha, umnsalo omdala nomcibisholo, isando esinzima, isando samadwala, kwase kuthi okulandelayo kwakuyi . . . Emva komnsalo nomcibisholo, kufika imusket uhlobo lwesibhamu esidala, futhi emva kwemusket uhlobo lwesibhamu esidala, kufika isikhali iSpringfield, futhi—futhi manje i—izikhali ze atomu nezinto. Niyabo? Silokhu sikhula.

60 Kodwa, uNkulunkulu, ekuqaleni, wanika abantwana baKhe isikhali se atomu, ngoba UnguNkulunkulu ongenasiphelo. Manje, ngokubona ukuthi kwakuzobakhona ingxabano, futhi

kwakuzobakhona impi, uNkulunkulu wahlomisa abantwana baKhe ngohlobo olufanele lweziqhumane, uhlobo olufanele lokuhlasela, uhlobo olufanele lwakho konke ababekudinga, lwaluzobashanela bonke kusukela le e-Edeni kuya oHlwithweni. Kwakuyini na? IZwi. IZwi. Yilokho okwehlula uSathane, yiZwi. Liyomehlula noma kuphi, noma kuyiphi indawo. Manje, sifunelani ukubambisa ngenye into, kanti sesivele sinayo into ezedlula zonke ekhona, iZwi?

61 Futhi sithola uJesu emhlabeni, ukufakazisa nje ukuthi lokhu kwakungukuhlonyiswa okwedlula konke, ngenkathi uSathane exhumana isandla-nesandla ukuba abhekane noJesu, Akazange nje eluleke ngaMandla aKhe wase embopha izandla zakhe. Wavele nje wathatha isikhali esifanayo uNkulunkulu asinikezayo ensimini yase-Edene, iZwi laKhe, wayesethi, "Kulotshiwe...Kulotshiwe..." Futhi Wamngqubuza ngesibhakela wamkhiphela ngaphandle kwesiyingi, ngaLo, kunjalo, ngoba LingelikaNkulunkulu eledlula konke.

62 Futhi bukani ukuthi kukuphi. Akusikho nje okokukodwa noma okubili, ebandleni. Kungokwethu sonke. Lonke ikholwa linelungelo lokuthatha leliZwi futhi lilwe nesitha noma yikuphi lapho odibana khona naso. Noma yikuphi lapho odibana khona nesitha, leliZwi yilona ofanele ulisebenzise. NoJesu wakufakazisa ngenkathi Efika. Ngakho Wahlomisa abantwana baKhe ngeZwi, ukuba libe yisivikelo sabo esitheni. Uma kufike konke ukuhlasela okuphumile, nezimpi, futhi zihlelwe ngokuphakwa, manje-ke iyodwa kuphela into engasetshenziswa yisosha langempela, isosha elingumKristu langempela, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Liphumela ngqo lapho futhi lidibane nesitha, linesiqiniseko sokuthi akukho lutho..." Izinkulungwane zingawa ngakwesokudla sakho, nezinkulungwane eziyishumi ngakwesokunxele, kodwa ngeke kusondele eduze kwakho." Khumbulani nje ukuthi uNkulunkulu wenza lesositatimende, futhi unika lokhu kubantwana baKhe, futhi Ledlula konke osekwake kwabakhona nokho.

63 USathane, e-Edene, ngenkathi eqala eza kulokhu ukuhlasela, ukuhlasela umuntu, azi ukuthi abantwana bakaNkulunkulu waqiniswa ngaleliZwi, uSathane wahlasela iZwi. Niyabo? Akazange neze ahlasele umuntu. Wahlasela iZwi, kuqala.

64 Bukani lowomsheshengwana, imbulu, ukuthi yenzani namhlanje. Into yokuqala, ngeke yakwendlala, ithi, "Lowo akusuye umuntu olungileyo." Lowo ngumuntu olungileyo. Niyabo? Kodwa kuphela into ezama ukuyenza, akunandaba ukuthi umuntu ulunge kanjani, ngukubatholela ukuthi baliphike leloZwi. Yileyonto nje kuphela efuna ukuyenza, ikutholele ukuthi uphike leloZwi.

65 Ngakho uSathane wazama uku—ukuhlasela iZwi, ensimini yase-Edene. Ngakho wadingeka ukuthi abe nento manje angayisebenzisa, e—esidalweni esingumuntu, ezobukeka ingcono kunaleloZwi. Niyabo? Wadingeka ukuba abe nento eyayizobukeka ingcono, esidalweni esingumuntu, kuneZwi. Futhi niyazi ukuthi wasebenzisani? *Ukuzindla*, lokhu nje ebesingathi, "ukusebenzisa ingqondo." Niyabo? Ngakho yilokho akusebenzisa, futhi waphumelela, ngakho yilokho akusebenzisa, sonke isikhathi.

66 Kodwa uNkulunkulu ngeke akunika lutho olunye kuphela iZwi laKhe, ngoba yilokho Akukhetha kuqala. Futhi uma uNkulunkulu enza isinqumo, uzohlala njalo engaleyondlela.

67 NoSathane wathatha imizindlo, futhi wathatha imizindlo futhi wahlasela iZwi, futhi wathuntutha uEva waphuma endleleni, kunjalo, ngemizindlo, umzindlo womuntu.

68 Manje, okuyiyonandlela kuphela ukuthi yena, owesifazane wafanele angakholwa yiZwi likaNkulunkulu, kwadingeka ukuthi kuhehane. Futhi uSathane uyazi ukuthi yenziwa kanjani imizindlo ukuba ihehane. Kufanele kukuhehe. Nesono sihehana ngempela. Futhi sinye kuphela isono, futhi lokho ukungakholwa. Ngakho sihehana ngempela. USathane wenza isono sikuhehe kakhulu!

69 Ukuma lapha nje imizuzu embalwa. Bengihlala njalo ngicabanga, njengensizwa, futhi ngafunda ngezizwe ezehlukene, nokuziphatha kwezwe. Futhi ngezwa abantu abehlukene bengitshela cishe ikakhulu ezansi eFransi, ezansi endaweni ethiwa iPigalle, nokuthi a—abantu babeziphethe ngesimilo esibi kanjani. Awu, ngacabanga, "Uma ngingake ngize ngingene lapho, ngizobabona labobantu ezansi lapho, abesifazane bephuma, niyazi, abanganaki, ababukeka beyizalukazana ezindala, niyazi, futhi bengenasithunzi." Futhi—futhi ngehlela ePigalle, ubusuku bokuqala, mina nabanye abefundisi abathathu. Mfowethu, into eyisimanga kangaka pho esinayo! Manje, uSathane uhlakaniphe kakhulu ngalokho. Akazukukhiqiza into enjengaleyo. Kodwa amanye amantombazane abukeka emahle kunawo onke engake ngawabona empilweni yami kwakulapho, ehehana. Impela.

70 Isono siyahehana futhi siyakhanga. USathane akanazo izinselo ezisamfologo, no—no—nomsila ocijile, na—nakanjalo. Akasuye uJohn Barleycorn omdala ophumile, nebhantshi elilengayo, ne—nezindlebe ezilengayo. Uyisihlakaniphi esiyiqili, uyahehana. Isono asisiyo nje into ewukwedelela, njengoba nicabanga ukuthi sinjalo. Siyahehana ngempela. Ngakho-ke, sifanele sisiqaphelisise. Sizongena kulokho nje esikhashaneni esincanyana. Bengicabanga ngenye into. Ngakho, ukuthi uSathane ukwenza kanjani kubukeke kuyikho ngempela, siyabaheha.

71 Kodwa ukuba babezohlala nje baqiniswe yiZwi, iZwi malibe yinqaba yabo enkulu, manje-ke, niyabo, babeyoqiniswa. Babeyoba ngemva kweZwi. IZwi lalizoba ngaphambi kwabo, njalo, uISHO KANJE INKOSI. "ISHO KANJE INKOSI. ISHO KANJE INKOSI." Kwesokudla noma esokunxele, "ISHO KANJE INKOSI."

72 NjengalezoziNgelosi ezansi lapho ngalolosuku, ngenkathi uIsaya ehlangana nayo ethempelini. Wayecabanga ukuthi wayehamba kahle kakhulu; umshumayeli olungileyo ngokuqotho. Inkosi yayimthanda kahle kakhulu, kodwa inkosi yasuswa kuye ngoluny'usuku. Futhi waguqa ealtare wase ewela embonweni, wase ebona iziNgelosi zimboze ubuso Bazo ngamaphiko, zimboze nezinyawo Zazo, futhi zindiza ngamaphiko amabili, zicula, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla," niyabo, noma yingaphi lapho Ezaziya ngakhona.

73 UHezekeli wabona isithombe sombono, ngalendlela. UMoya kaNkulunkulu wawuhamba. Wawunobuso benkabi. *Ngapha,* Wawunobuso bengonyama. Futhi noma yingaphi lapho Owawuya ngakhona, Wawunobuso. Noma yingaphi lapho Owawuya ngakhona, Wawuqinisiwe.

74 IZwi likaNkulunkulu, akukho-ndlela nxa zonke. Laliqinisiwe, nxa zonke, ndawo zonke, "ISHO KANJE INKOSI. ISHO KANJE INKOSI." Ukuhamba kwakho, ukukhuluma kwakho, ibhizinisi lakho, abakho ohambisana nabo, nakho konke, beka iZwi likaNkulunkulu kuqala.

75 Uthi, "Ngikholwa ukuthi ngizohamba kulobubusuku, nalomdanso omncane nje ngeke ulimaze-muntu." Ubungaphatha u ISHO KANJE INKOSI na? Niyabo? Niyabo? "Ngikholwa ukuthi uma bengingadonsa lokhu okuningana, o, kunomthunzi omncanyana nje." Kodwa ubungasho ukuthi ISHO KANJE INKOSI ngakho na? Niyabo?

76 Njalo thatha Yena kuqala, yiba ulokhu uqinisiwe, ngokuba Uyinqaba yethu enkulu, ubunzima bayo.

77 Kodwa uyazi yini ukuthi ufanele ushaye indiva, ngaphambi . . . Ukuze ukholwe ngamanga kaDeveli, ufanele ushaye indiva futhi uphike iQiniso likaNkulunkulu, kuqala, ngaphambi kokuba ukholwe ngamanga kaDeveli. Sewake wacabanga ngalokho na? Ufanele uphike iQiniso, kuqala, ngaphambi kokuba ukholwe ngamanga. Kunjalo. Ufanele uLiphike!

78 UEva wasuka emva kwaLo, futhi wehlulwa empini. Kwathi nje uEva anga . . . USathane wayemi ngaphandle lapho, edubula izinkololo zakhe. Owesifazane wathi, "Kodwa iNkosi ithe . . ." Wayesedubula futhi. Owesifazane wathi, "Kodwa iNkosi ithe . . ." Ngakho wayesedubula futhi, ngenye indlela. "Kodwa iNkosi ithe . . ."

79 Kodwa uSathane wasukuma ngemuva lapho, wathi, “Kodwa awume umzuzu. Uma iNkosi yakusho Lokho, ake ngikutshele okuthize. Uyabo, Awuhlakaniphile njengoNkulunkulu. Awukwazi okuhle kokubi. Kodwa uma . . . Lalela. Ungethande ukuhlakanipha njengoNkulunkulu na?”

80 “Ngani,” uEva wathi, “yebo, ngi—ngi—ngi—ngikholwa ukuthi ngizohlakanipha.” Mhlawumbe into enjengaleyo. “Ngikholwa ukuthi ngizothanda nje ukwazi konke ukuhlakanipha kukaNkulunkulu. Ngingathanda ukwazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Angikwazi.”

“Awu, ngizokutshela.”

Manje, wathi, “Kodwa, kodwa, iNkosi yathi . . . ”

81 “Awu, kodwa, impela, uyazi UnguNkulunkulu olungileyo. Ngeke Akwenze lokho.” Niyabo?

82 Khona lapho wabhoboza imbobo, ukuze akwazi ukudubula. Khona lapho wenza ukuma okubi, khona lapho, wathi ukuma kancanyana.

83 Manje ake ngisho okuthize ngani maKristu ezansi lapha. Ningalokothi nimmele nowodwa umzuzu uDeveli. Ningami ukuba niLizindle. Uma niqala ukuLizindla, uDeveli ungena ngqo. Ungeke wamzindla uNkulunkulu. Ungeke wamqonda uNkulunkulu. Ufanele nje umkholwe uNkulunkulu. Niyabo? Ngeke ngakwazi ukuchaza uNkulunkulu. Akekho ongakwenza. Angikwazi ukuchaza izinto eziningi. Kodwa, into kuphela, ngiyaLikholwa nje, ngoba Washo njalo. Manje, akukho namunye wethu ongaLichaza. Ungazami ukuLichaza.

84 Ningahambisani nalamakholwa athi, “Awu, manje bukani, umelusi wakho phandle laphaya, uJunior, ngiyamuzwa ekhulekela abagulayo. Manje nonke niyahlanya ezansi lapho. Ayikho into ethiwa ukuphilisa kukaNkulunkulu.”

85 Uthi, “Kulungile, akusikho okwakho, ke. Wena ungongakholwayo.” Futhi vele nje uqhubeke uhambe. Niyabo? Kungokwamakholwa nje. Niyabo? Unga . . .

86 “Awu, nonke nithi ninoMoya oNgcwele. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele.”

Uthi, “Awusiwo owakho, ke. Ngowami.” Qhubeka nje. Niyabo? Niyabo?

87 Ungazindli. Ungazami ukuWuzindla. AWunamzindlo. Vele uWukholwe. Awuzindli-nto. Ngoba, khumbula, indlela kuphela ongemukela ngayo uNkulunkulu ingokukholwa, hhayi ngemizindlo, hhayi ngokuqonda, hhayi ngokwazi ukuchaza. Awuchazi lutho. Ukholwa Into ethize. Hhayi lokho okuzwayo. UJesu akazange athi, “UWuzwile na? Wathi, “Uyakholwa na?” Kunjalo. Kholwa nje yilokho okushiwo nguNkulunkulu. Angikwazi ukuchaza kuwena ukuthi

bakanjani . . . Kungenzeka kanjani ukuthi i . . . Isimangaliso esizedlula zonke engingacabanga ngaso, ngumuntu o . . .

88 Njenganje, thatha ingulube, bese utshela leyongulube, "Uyazi, awuseyiyo ingulube. Uyiwundlu," futhi iba yiwundlu. Niyabo? Lokho bekungaba l'khuni ukukukholwa.

89 Awu, kuyinto efanayo eyenzekayo uma uphenduka ekubeni yisoni uya ekubeni ngumKristu. Niyabo? Kuguqula imibono yakho. Kuguqula intando yakho. Kuguqula yonke into ekuwe. Futhi kukuletha kokunye ukuphila, futhi kukunika omunye uMoya, ofakaza ngelinye irekhodi. Niyabo? Khona-ke ukuphila kwakho okudala kufanele kufe, nokusha kufanele kuzalwe ngokusha. Futhi manje-ke, niyabo, awuseyiso isidalwa owawuyiso, nhlobo. Lokho kungalesisikhathi uba semva kweGazi, uqiniswe ngeZwi. Ungazami ukuchaza lutho, vele ukukholwe nje bese uqhubekela phambili. "Nkosi, ngiyakholwa. Msindisi, phakamisela ukukholwa kwami kuWe, kuze kukwazi ukugudluza intaba." Niyabo? "Nkosi, ngiyakholwa, ngokuba konke ukungabaza kwami kumbelwe eMthonjeni."

90 Ukuba-ke uAbrahama wayekade eceliwe, udokotela wafika, wathi, "Abrahama, usuneminyaka eyikhulu ubudala. Umkakho unamashumi ayisishiyagalolunye. Uzoba kanjani nengane na?"

91 Manje, uAbrahama uthi, "Awu, manje, ngizokutshela, ku*nje*. Uyabo, kuzobakhona isikhathi lapho esizophuza khona into ethize, futhi lokhu kuzokwenza *lokhu*. Futhi loluhlobo lwenguquko luzo . . . " UAbrahama wayengenakukuchaza lokho.

92 UAbrahama wayezosho into enjengokuthi, "Angazi. Akukho okunye engikwaziyo ngakho kunoma wena wazi. Into kuphela engiphumule kuyo, ngukuthi, Wathi siyoba nayo. Futhi ngiyibhekile." Washo! Yebo, mnumzane.

93 Manje, kuthatha lokho kuphela. Thatha Lona nje, uLikholwe. "UNkulunkulu washo njalo." Futhi lokho—lokho kuxazulula yonke into, ngoba uNkulunkulu waLisho.

94 Manje, siyathola, uEva, ehlulwa empini, wasuka emva kweZwi, wasukuma waba ngaphezu kwesisele wayesethi, "Ungasho kanjalo wena? Ngabe yiQiniso lelo na?" Uselahlekile, khona lapho.

95 "Awu, uyazi, asikufundisi Lokho ngale ebandleni lethu. Sikholelwa kulokho Akusho *lapha*."

96 "Yebo, kodwa, lalela, sithandwa, wazi kangcono kunaLokho. Umqondo wakho ohluzile uzokutshela ukuthi Lokho akulungile. Ngani, ngibezwile labobantu nje bekhala bekhala. Bakhalelani na? Uyabo? Manje, ingqondo yakho ngqo ehluzile izokukhombisa ukuthi nje basetshenziwe. Banamadlingozi. Niyabo?" Uma uma ukuba ulalele lokho, usuhluliwe empini.

97 Uma bethi, "O, manje, awume kancane. Udokotela wakho wakusho lokho, ukuthi wawuneTB. Futhi u—usuhambe

kakhulu. Ayisekho indlela yokuthi ube usaphunyuka kuleyoTB. Udokotela wathi ayisekho. Manje, ingqondo ehluzile ayikusho yini lokho na?" Awu, uma uzothembela emizindlweni, ungahle vele ukulungele ukufa.

98 Kodwa uma uhamba ngalokho okunikezwe yiNkosi, isithembiso, futhi ungaLikholwa, Liguqula lonke uhlelo.

99 Manje, indlela efanayo Eliguqula ngayo, yindlela efanayo Elangiguqulela ngayo ezansi lapho. Niyabo? NgiyaLikholwa nje. Angazi ukuthi Lenze kanjani, kodwa kwafika isidalwa esisha. Ngangivame, ukuthi ngilibalekele ibandla. Ngi . . .

100 Umfo wangitshela, ngenkathi ngisavamise ukudlala isibhakela, sasi . . . Ngangilwa impi yami ekhokhelwayo yeshumi nesihlanu, ezansi lapha e—e-Evansville, eIndiana. NoHoward McClain, abaningi benu bantu baseNew Albany nanimazi lapho. Futhi sasihamba senyuka ngomgwaqo. NoHoward wayesesisindweni esimaphakathi nendawo, futhi mina ngangisesisindweni sebantamu. Ngangilwa noBilly Frick waseHuntington, eWest Virginia. Ngangifake isudu el'hlaza s'bhakabhaka, njengale. Ngalezozinsuku, ngenginezinwele ezincane. Futhi ngangihamba ngenyuka ngomgwaqo. Sasidla ukudla kwakusihlwa cishe ngelesithathu nqo, ngilungiselela ukulwa ngalobobusuku. Sasingena-ke ukuba siyophumula, bese-ke sibopha izandla zethu. NoHoward wathi kimi, wathi, "Uyazi ukuthini, Billy?"

Ngathi, "Ini?"

Wathi, "Ubukeka ufana nomshumayeli omncane oyiBaptisti."

101 Futhi wayengangibiza nganoma yini. Angizange . . . Ngajika. Ngathi, "Manje, awulinde kancane, Howard. Manje, uyahleka uma usho lokho." [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Mina, ngimude *kangaka*, kodwa ngase ngilungele ukukhwela phezu kwakhe ngqo. Ngangingafuni kuzwa lutho ngomshumayeli.

102 Futhi manje ukuphawula okukhulu kunakho konke ayenganginika khona, o, ngenkathi omunye umuntu ethi, "Mfowethu Branham, ubukeka ufana nomshumayeli."

Ngithi, "Akabongwe uNkulunkulu!" Niyabo? Niyabo?

103 Yin'indaba na? Ngafa. Futhi ngiyisidalwa esisha. Ngakwenza kanjani na? Ngathatha iZwi laKhe. "Mfowethu Branham, nhloboni yomuthi, nhloboni yesithako owayithathayo na?" Angithathanga lutho. "Wakwenza kanjani na?" Angazi. Kodwa, empeleni, ngaLikholwa. Angizange ngithathe lutho. Ngavele ngaLikholwa nje. Futhi Wangivusa engisusa kulokho engangiyikho, isoni, ngaya ekubeni ngumKristu. Wakwenza ngoba ngathatha iZwi laKhe. Uyokwenza into efanayo ngokugula. Uyokwenza into efanayo ngombhaphathizo

kaMoya oNgcwele. Uyokwenza into efanayo nganoma yisiphi isithembiso Asinikezayo.

104 Kodwa, niyabo, ini, ithini indaba yami? Ingxabano. Ingxabano. USathane uzama ukunitholela ukuba nizindle ngaLo, futhi ningakwenzi.

105 Kodwa emva kokuba usungumKristu, khona-ke uqiniswa yiZwi nayisiphi isithembiso eZwini. Wewu! Bengingazi ukuthi bengizosho lokho. Niyabo? Unjalo, uma uba ngumKristu, ubekwa emva kweZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Manje, nanso inqaba yakho enkulu, ukulondeka. O, he! Sonke isithembiso esikuLokho ngesakho. Into kuphela ozofanele uyenze ngukufinyelela nje bese uyakuthola, bese uqhubekela phambili ngqo nakho. "Wazi kanjani ukuthi kuzosebenza na?" Angazi ukuthi kuzosebenza kanjani. "Ngichazele." Angazi. Into kuphela engiyaziyo, ukuthi, uNkulunkulu wanika abantwana baKhe ukuhlasela okwedlula konke ababengaba nakho, nento edlula konke ukuhlasela ngayo, ngoba Uyakwazi ukusebenza kwesitha.

106 Manje, ake si—ake sikuxilonge lokho phansi; njengokuthatha ukwakheka kwegazi, noma ukwakheka kwamanzi, kumbe noma ngabe kuyini. Niyabo? Ake si—ake sikuxilonge phansi. Ngani, Wanikezelani iZwi na? Ngoba . . . Senilungele na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IZwi liPhakade. ["Amen."] Niyabo? Futhi uma uNkulunkulu enza isithembiso esiPhakade, futhi akukho-lutho nomaphi olungasimisa. Abakwazanga. Baphendule onke ama-atomu abheke phansi, futhi balibhekise emuva, ngeke kuze kugwaze iZwi likaNkulunkulu, iZwi elincane elilodwa. Niyabo? Isizathu, uJesu wathi, "Kokubili amazulu nomhlaba kodlula, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Niyabo? Leso yisikhali esedlula zonke esikhona. SiyiZwi likaNkulunkulu oPhakade.

107 Manje, yini iZwi likaNkulunkulu na? IZwi likaNkulunkulu linguNkulunkulu uqobo lwaKhe. Ngakho, uNkulunkulu wazinika ikholwa Yena uqobo. Amen. Wewu! NguNkulunkulu uqobo lwaKhe. Wazinika yena uqobo lwaKhe ikholwa, ukuhlasela ngaye isitha. Ngamany'amazwi, UnguBaba. NeZwi linguNkulunkulu, manje-ke iZwi linguBaba wethu. Sizalwa yiZwi, futhi Umi ekhandeni lempi emela abantwana baKhe. Amen. Nakho lapho okhona. Umi phandle lapho emela abantwana baKhe. Sesabani na? UHlwitho lukhona ngempela. UkuFika kukhona ngempela. Sonke isithembiso esithenjisiwe singesethu. Sonke singesethu. Manje, uma sithi nje ukudembesela bese sithi . . .

108 USathane uthi, "Woza *ngapha,* ngizokuzindla nawe Lokho." U-o, ususemva kukaBaba ngalesosikhathi. Niyabo? Ungakwenzi lokho. Yima nje lapho uBaba emi khona, khona impela lapho Elisho khona. Uthi, "Ngu usho kanje uBaba." Niyabo? "Usho

kanje uBaba wami. Usho kanje uBaba wami." Lizomehlula. Ngokuqiniseke impela njengezwe, kufanele. Kulungile.

109 Kodwa uma usuka emva kwaLokho, njengoba kwenza uEva, impi isihluliwe. Manje, uEva-ndini, walalela. Walahla indawo yakhe. Kulungile.

110 Manje-ke uNkulunkulu wakhetha abantu ukuba babambe inqaba yaKhe eyakhiweyo, futhi ubeyibambile selokhu kwasukela lapho.

111 Yilapho, izikhathi eziningi, abantu ngalezi izinsuku zokugcina ngesinye isikhathi bathi, "Naningacabangi ngani ukuthi inenekazi lalingenza umsebenzi omuhle nje epulpiti njengendoda na?" Angiphikisi lokho, qhabo nhlobo. Ngezinye izikhathi inqwaba engenza ukwedlula mina, abaningi babo.

112 Kodwa, niyabo, sizofanele sithathe lokho okwenziwa nguNkulunkulu. Niyabo? Khona lapho, uEva kwaba nguye owephula imigoqo phansi, noAdamu akazange ephule imigoqo. Qha, mnumzane. Kodwa ngoba wayemthanda umkakhe, wahamba waphuma naye ngqo. Niyabo? Ngakho, uNkulunkulu wakhetha abantu ukuba babambe inqaba eyakhiweyo.

113 Manje, okulandelayo, siyathola-ke, emva kokwehlulwa kwempi lapho, ngesikhathi sembubhiso ifika kubo, isikhathi esilandelayo, kwabakhona u—uguquko lohlelo lwezikhathi kusukela ngalesosikhathi.

114 Siyazi ukuthi impi yahamba kanjani. Siyazi ukuthi uEva wehlulwa empini ngoba wethembela emizindlweni yakhe esikhundleni sokukholwa kwakhe eZwini likaNkulunkulu. Asikuphinde lokho. Wethembela emizindlweni okungeyakhe esikhundleni sokuba nokukholwa eZwini likaNkulunkulu. Lazindlwa laphuma. Ngakho-ke wephula imigqa engaphambili nesitha sagijimela phakathi, kwase-ke ukufa kushaya izwe. Manje, ngakho-ke, uNkulunkulu akabange esaLethemba futhi linabesifazane, ukubamba lowomugqa ongaphambili. Linabesilisa.

115 Futhi manje, uguquko olulandelayo lohlelo lwesikhathi, ingxabano yaqala. Futhi ngibuka umBhalo lapha. Ngikholwa ukuthi ngizoqala nje futhi ngiwufunde.

116 Siningi kangakanani isikhathi esinaso ngempela, enishumayela ngaso, nje noma yisiphi, nje kucishe . . . Ngeke nje ngithathe cishe amanye amahora ayisithupha, futhi sizo . . . [Ibandla liyahleka—Umhl.] Futhi ngakho si . . . Bengingaqondile lokho, bafo. Ngi . . .

117 Asiqale ngapha, nina emaBhayibhelini enu. Asifunde imizuzu embalwa nje. Ngiyathanda nje ukuLifunda, njengokuhambisana nalo nje, futhi manje-ke yiZwi likaNkulunkulu njalo. Asiqale oguqukweni lohlelo lwezikhathi futhi, ukusukela kuAdamu, ukuhleleka kwesikhathi sika-

Adamu kuze kube uhlelo lwesikhathi sikaNowa. Manje—manje ngaphambi nje kokuba kufike lesosikhathi, ake-nje sibuke ko—kokwenzakalayo. Asiqale, siqale ngesahluko 6 sikaGenesisi, futhi sifunde amavesi nje ambalwa.

> *Kwathi, abantu beqala ukwanda ebusweni bomhlaba, bezala amadodakazi,*
>
> Futhi *amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle; azithathela abafazi kuwo onke awathandayo.*

118 Manje ake siqhathanise lokho nje. Manje, khumbulani, uJesu wathi, "Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje bhekisisani, ngifunda lokhu ngokusondela manje, njengesifundo sikaSonto sikole, ivesi nje noma amabili, khona-ke ngizoqhubeka ngqo nomunye futhi umBhalo.

> *Kwathi, abantu beqala ukwanda ebusweni . . . mhlaba, bezala amadodakazi* abantu, niyabo,
>
> *Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu . . .*

119 Manje, nikuqaphelile lokho na?

> *Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle; azithathela abafazi kuwo onke awathandayo, onke awathandayo.*

120 Manje, abakhulu abaningi bosiyazi bezenkolo . . . Angifuni ukwehluka. Angiqondile ukubanjalo. Kodwa abaningi benu bayazi ukuthi osiyazi bezenkolo bayakukholwa, lokho, "Lezizingelosi ezawayo, ezaziwe ngamanga kaLusifa, zazithathela abafazi. Zaziyizingelosi ezawayo, eqinisweni amadodana kaNkulunkulu, awa emseni, aphoswa emhlabeni, azicindezela angena enyameni, ase ethatha abafazi." Ngi—ngi nje kancane angicabangi ukuthi lokho kuyawenza umqondo nomBhalo.

121 Ngoba, indawo yokuqala, ngaphambi kokuba ingelosi ewile ikwazi ukuzenza umuntu, yayizofanele kuqala ibe ngumdali. Futhi munye kuphela uMdali, futhi lowo nguNkulunkulu. Ngakho lokho kwakuzokuwasha kukukhiphe.

122 Eny'into, "Amadodana kaNkulunkulu athatha amadodakazi abantu." Futhi benazi yini, iBhayibheli alikhombisi ucansi ezingelosini? Niyabo? Akukho okukhombisa ucansi ezingelosini. Futhi akukho-ndawo eBhayibhelini lapho okukhona khona ingelosi yesifazane. Ngoba, owesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva endodeni. Bekungafana konke, njengoAdamu wayeyikho kokubili uAdamu noEva, kusukela kwase kuqaleni. Niyabo? Wathathwa ohlangothini lwakhe. Ngakho ku—kwephuca impikiswano yezimfanelo zabo, ukuthi lokhu kwakuyizingelosi ezawayo.

123 Kodwa uma nizongixolela, futhi ningazami ukucabanga ukuthi ngizama ukwenza owazi konke lapha, kodwa nje ukunikeza umcabango wami—wami ngakho. Ngicabanga ukuthi, "Lamadodana kaNkulunkulu kwakungamadodana kaSeti, abona amadodakazi akwaKayini, abakwaKayini, ukuthi ayemahle." Ngoba, "Amadodana kaSeti afika, kwakuyindodana ka-Adamu, owayeyindodana kaNkulunkulu." Kodwa, "Indodana, amadodakazi kaKayini, owayeyindodana kaSathane."

124 Manje, niyaqaphela, "Aqaphela," ekugcineni nje, ngaphambi kwalembubhiso ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, "ukuthi amadodakazi akwaKayini ayemahle, ebukeka, ekhanga." Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

125 Manje, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," abesifazane, bekhanga. Nhloboni yabesifazane na? AbakwaKayini, niyabo, bethatha amadodana kaNkulunkulu. Niyabo? "Amadodana kaNkulunkulu ethatha abesifazane bakaKayini."

126 Ubuhle obedlulele babesifazane bande kakhulu eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, ukucosha isithombe seminyaka engamashumi amahlanu edlule, ukuthi a—abesifazane abakhangayo babebukeka benjani. Ngangibuka, ngoluny'usuku, emlandweni wezimpi; nokuthi wayekanjani uPearl White, ecishe ekhulwini leminyaka eyedlula, ngenkathi egwazwa uScott Jackson, isithandwa sakhe, nokubukeka kowesifazane. Manje, futhi, ngoMary Bonneville, nabaningi ababebizwa kanjalo ngokuthi bangabesifazane abakhangayo, baseminyakeni engamashumi amahlanu kuya kweyikhulu eyedlula, baqhathanise nabesifazane namhlanje. Ngeke bame nasesithunzini. Impela ngeke. Bakhuluphele!

127 Abesifazane usephenduke babahle baba ngamathonqa, ubufazane, kanjalonjalo, sebekhangisa kakhulu. Futhi kuyini na? Bagqoka ngokukhangisa kakhulu. Lapho, abesifazane babevamise ukugqoka izingubo ezinkulukazi, nemikhono, neziketi ezinde, futhi befihla umzimba wabo ngoba babengafuni amadoda abakhanukele. Babephilela indoda eyodwa ebakhethele ukuba ngumfazi. Namhlanje, abesifazane bazithulululela ezingutsheni ezincane, nesimilo esibi siphezulu kakhulu futhi sidlangile ngangokuthi sesi—sesedlule ngisho ukucabanga.

128 Kwakwethusa, ngenkathi ngifunda ngezihlaziyo ngoluny'usuku, ngeChicago, ngenkathi ngilapho. INew York, iLos Angeles, iBirmingham, na—namaningi amadolobha amakhulu agqamileyo, kuleklabhu, ngamaklabhu enhlaliswano, ngangokuthi imindeni nemindeni, kuya komakhelwane, bajoyina kuleklabhu. Futhi baya endaweni ethize

yokuhlangana, bathathe izikhiye zabo, baziphose esigqokweni, owesifazane afake isandla athathe ukhiye futhi leyo sekuyindoda yakhe bayoze baphinde babobane futhi. Labo ngabesifazane bakithi baseMelika.

129 Niyabo, kukhombisa ukuthi, kuyabuya futhi, kwaqala ekuqaleni ngabesifazane, ngocansi, futhi kuphela ngendlela efanayo ekugcineni manje. Akusikho . . .

130 UNkulunkulu akazange akubusise, kowesifazane oqotho nolungileyo. Fundani ngale kuIsaya, ngenkathi Esho ukuthi kukanjani labo abayophunyuka ngezinsuku zokugcina, amadodakazi aseZiyoni abayophunyuka kuzozonke lezizinto eziqalekisiwe okuphezu komhlaba.

131 Manje, "Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi ayemahle; azithathela abafazi, onke abawathandayo," manje isibonakaliso esikhulu sesikhathi sokuphela. Asifunde elinye ivesi.

> *Yayisithi iNKOSI, Umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, . . .*

132 Masinyane emva kokwenzeka kwalokhu, ukugana. ULuka uyasitshela lokho. Nginakho kubhalwe lapha. Ngicabanga ukuthi uLuka 7:27 wakusho lokho, kanjani . . . Noma, uLuka 17:27 wakusho lokho, ukuthi lokho kukanjani, "Bayaganwa bendiswa, emihleni kaNowa." Niyabona ukuthi kwakunjani? Into efanayo. Amadoda ebuka ukukhangisa. "Amadodana kaNkulunkulu," ayefanele ngabe abambe inqaba enkulu, "abuka amadodakazi abantu—abantu," ukuthi akhanga kakhulu kanjani, mahle. "Azithathela abafazi, futhi aganwa, futhi endiswa." Into efanayo ayenzayo namhlanje. Niyabo?

> *Yayisithi iNKOSI, Umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje: izinsuku zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili.*
>
> *Ngalezozinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni; nangasemuva futhi, lapho amadodana kaNkulunkulu efika . . . kuwo amadodakazi abantu, awazalela abantwana,* futhi *lana ayengamadodana asendulo anamandla, amadoda anegama . . . dumo*.

133 Qaphelani. Laba abahlakaniphile, abesifazane bakwaKayini abafundile, hhayi . . . abozalo lukaKayini, bagana lababafana abangabantukazana abazithobile bakaSeti. Futhi kusukela lapho, baba "yiziqhwaga" futhi babe "negama elinodumo." Sithola ukuthi baba ngososayense abakhulu, abasebenzi abakhulu bokhuni. Abakhulu, abahlakaniphile, abantu abafundile, futhi babeno—nomnotho omkhulu. Futhi babephila onyakeni wezesayense ngempela baze bakha izivivane ebesingeke sizakhe namhlanje. Bakha amabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe nabaningi omaka abakhulu esibabona edwaleni, ezihlabathini zesikhathi,

ebesingeke saphinda sikuveze namhlanje. Ngoba, labobantu babencike olwazini lwabo, futhi baba ngososayense namadoda ahlakaniphile, namadoda anegama elinodumo.

134 Kodwa amadodana kaNkulunkulu, ahlala ngokuzithoba, ayededa ezintweni ezinjengalokho, futhi ethembela kuNkulunkulu, azi ukuthi ayezodla ifa lezinto zonke ekugcineni. Niyabo?

135 Ngakho abantu namhlanje bathi, "Bahlakaniphile. Banakho konke *lokhu*. Senza konke *lokhu*." Babehlakaniphe kakhulu kunoma sasinjalo thina, futhi siqhele kakhulu kuNkulunkulu kunoma sasinjalo. Niyabo? Uzikhipha wena ngqo. Kulungile.

136 Angizukuthatha esinye isikhathi ukuba ngifunde ngehle. Ngesinye isikhathi, uma nithola ithuba, kufundeni nehle, isahluko 6 sikaGenesisi, ukuthi lezozinto zenzeka kanjani.

137 Umaka omncane nje, bengicabanga ukuthi ngizokufunda lokho. Benginakho kubhalwe lapha, ukuthi bengizokufunda lokho, ivesi nje noma amabili, ukunikhombisa ukuhambisana kwesikhathi sikaNowa kulesisikhathi. Manje, siyabona ukuthi abantu bayaganwa futhi bayendiswa. Siyabubona ubuhle babesifazane, ukuthi bahhundule izingubo zabo, ukuba bakhange emadodaneni kaNkulunkulu.

138 Manje, kungesikho nje ukubeka lengxenye yoMlayezo phezu kwabesifazane. Ngiyabonga ukuba nabesifazane abanjengalapha, lelo ngamanenekazi, abesifazane abasebasha abasenobuqotho nabahloniphekayo. Abangabeki . . .

139 Manje, o—owesifazane ophakathi nendawo, namhlanje, usebuyele emaqabungeni omkhiwane, njengoba wayenjalo nje uEva. Futhi "iqabunga lomkhiwane" empeleni liyinqubo eyenziwe ngumuntu; izikhindi, ukubhema, izinwele eziphunguliwe, bayakhangisa. Bakwenzela ini, ukubonakala endodeni yabo na? Uma bekwenza, manje-ke akasiyo indodana kaNkulunkulu; ungowakwaKayini. Manje-ke uma eyindodana kaNkulunkulu, uzokutshela, "Geza ubuso bakho bese ugqoka izingubo." Niyabo? Kunjalo.

140 Manje, uNkulunkulu, ngalesisikhathi, Wakhetha ukuthumela iZwi laKhe futhi, enzela abantwana baKhe. Futhi Wakhetha umprofethi. "NeZwi leNkosi leza kubaprofethi." NoNowa noEnoke, umfanekiso onje pho! Nomunye . . . Izikhathi eziningi, abantu . . .

141 Ngi—ngiyaqaphela, eminye yaleyomibuzo angitholanga ukuthi ngiyiphendule. Babuza lowombuzo. Bathi, "Mfowethu Branham, ngiyaphikisana nawe." Umfowethu oligugu owabhala ezinye zezindatshana ezinhle kunazo zonke ephepheni, engiya kuye manje. Umfowethu . . . Ubani igama lomfo, esiyomshumayelela, enhla lapho manje, umhlangano olandelayo enhla lapha eNingizimu Pine, noma ngaseNingizimu Pine na? [Omunye uthi, "UParker."—Umhl.] UParker. UThomas

Parker, wathi, “Yinye into engifanele ngiphikisane ngayo noMfowethu Branham.” Wathi, “Ukholwa ukuthi iBandla ngeke ledlule ekuHlushweni.” Wathi, “Ngikholwa ukuthi iBandla ledlula ekuHlushweni, ukuba lihlanzwe.” Kwenzekani eGazini likaJesu-ke na? Niyabo? Akukho-ndawo kunoma yimuphi umzekeliso, kumbe kunoma yiliphi iZwi, ukuthi iBandla ledlula ekuHlushweni.

142 [Omunye ugudluza ifeni—Umhl.] Bazodingeka babeke leyo kulamadoda angenayo impandla. Awashi izwi masinyane kakhulu.

143 Akukho-ndawo lapho iBandla elike ledlule khona esikhathini sokuHlushwa. IGazi likaKristu, nokugcwala kokusetshenziswa kweGazi likaJesu Kristu, lihlanza sonke isono. Futhi kungani sifanele sihlanjululwe na? Sihlanjululwa nsuku zonke; akukho-kuHlushwa. Lalelani. Lalelani ukuthi uJesu wathini kuJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayi ekwaHlulelweni; kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Amen.

144 UEnoke, umprofethi! UNowa ungumfanekiso wamaJuda, insali, inceku kaNkulunkulu. NoEnoke, umprofethi omkhulu owaprofetha ngokufika kweNkosi, wathathwa, wahlwithwa ngaphambi kukazamcolo. UNowa wathwalwa wedluliswa, ukuba alondoloze inzalo emhlabeni.

145 Manje, uNkulunkulu wathumela iZwi laKhe ngomprofethi waKhe, uNowa, futhi lapho uNowa noEnoke beqala ukuprofetha. Futhi manje-ke ngaphambi nje kokuba kushaye uzamcolo, kwenzekani na? UEnoke wenyuka; uNowa wedlula khona. Niyabo? UEnoke wathathwa. Isibonakaliso sikaNowa, sasingukuthi, eqaphele uEnoke. Ngenkathi uEnoke ekhuphuka engasekho, khona-ke uNowa wazi ukuthi uzamcolo wawususeduze, ngoba iso lakhe lalilokhu liqaphele uEnoke.

146 Manje, uSathane, ngalesisikhathi, wamisa inqubo efanayo nayenza ensimini yase-Edene, edlinza ngokumelana neZwi lalababaprofethi. Into efanayo! Manje, uSathane umisa inqubo yakhe. Wayenabantu abangaphezu koyedwa noma ababili ukuba asebenzane nabo manje; wayenezigidigidikazi ayesebenzana nazo. Isikhathi sezwe lasendulo ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, abantu abaningi kakhulu, mhlampe, kunalabo abakhona manje. Banda, yonke indawo ebusweni bomhlaba. Kwakukhona omkhulu umhlaba wabantu ngalesosikhathi sabo, mhlampe abaningi kakhulu kude kunalabo abakhona manje. Futhi manje bukani. USathane, ukuze, (hhayi okumiswe noyedwa, noEva), wazimisela inqubo. Yayiyini na? Ukulwa kokubhekana neZwi leNkosi eleza kubaprofethi. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Usebenzisa lelosu elidala elifanayo, ngaso sonke isikhathi. NoNkulunkulu uhlala nelaKhe elifanayo, iZwi.

147 Nakhu kufika uNowa noEnoke, beno ISHO KANJE INKOSI, besuka bakha umkhumbi. Manje, qaphelani, inqubo kaSathane yayihleka inqubo kaNkulunkulu. Manje qhathanisa lokho nanamhlanje, "abaginqiki abangcwele," nokunye nokunye. Niyabo? Abahleki abahleka usulu, iBhayibheli lasho, bahleka inqubo kaNkulunkulu. Inqubo kaSathane yahleka inqubo kaNkulunkulu. Bacabanga ukuthi Ayimelananga nesayense yabo uqobo nomzindlo.

148 Manje, bathi, "Lowomfo omdala phezulu lapho egqumeni, akha lowomkhumbi, futhi uthi kukhona amanzi azokwehla phezulu *lapho*. Manje, sinososayense ababedlula bonke ezweni. Manje, mhlawumbe banesibonisi irada ababengayidubula iqonde ngqo enyangeni, nokunye nokunye, futhi bangakufakazisa ukuthi akukho-manzi lapho. Manje, izokwehla kanjani na? Mfo omdala, uyahlanya."

"Kodwa ngino ISHO KANJE INKOSI." Elokhu akha.

149 Wama ngqo emnyango womkhumbi, eshumayela iVangeli, futhi elokhu akha, futhi eqaphele uEnoke. Ngenkathi engena, kusihlwa, wathi, "BaLithathile, ezansi lapho na?"

150 "Qha. Bangihlekile. Bangijikijele ngamaqanda abolile, nakho konke okunye."

151 "Benza into efanayo enhla lapha. Kodwa asibe silokhu sigqonqa." Niyabo? "O, bangibiza ngo 'mginqiki ongcwele,' nakho konke okunye, kodwa konke lokho kulungile."

152 Babuthana phakathi bonke benzela umhlangano womkhuleko, futhi baqhubeka ngokufanayo nje, niyabo, ngayo impela nje indlela okwenzeka ngayo namhlanje. Ngoba, babazi ukuthi babeqinisiwe, ngoba babemi emva kuka ISHO KANJE INKOSI.

153 Manje, umcabangi owaziwayo nje ojwayelekile wayezothi, "O, lowo ngumbhedo." Owesifazane wake wathi . . .

154 Ngake ngathi ngesinye isikhathi . . . Lomfana wayefundisa uSonto sikole ebandleni lamaBaptisti. Ngangishumayela enhla lapho, ngobunye ubusuku. Ngase ngihlangana naye ezansi-nedolobha; ngangigibele ibhayisikili lami. Mina, ezansi-nedolobha, ngahlangana naye. Wayegibele ibhayisikili. Wabuyela eceleni. Wathi, "Billy, ngenyukela ukuzokuzwa ngobunye ubusuku." Futhi wathi, "Ngangijabulela owawukusho kwaze kwakhala lowo wesifazane futhi eqhubeka, bonke labobantu bethi, 'Amen.'" Futhi wathi, "Angikwazanga nje ukukumela." Niyabo? Wathi, "Kwenza ukuthuthumela kwagijima kwenyuka ngomhlane wami, ukuzwa labobantu, 'Amen,' khona impela ngenkathi usho into ethize."

155 Ngathi, "Mfowethu, akuzange kungithinte kanjalo." Ngathi, "Wathi . . ." Ngathi, "Ngizokutshela." Ngathi, "Awukholelwa ekutheni 'amen,' nalokho kumemeza okuncane nezinto ababezenza na?"

Wathi, "Qha. Angikukholwa lokho."

156 Ngathi, "Uma ubungake ufike eZulwini, ubuyoba yiqeqeba lamakhaza." Ngathi, "Ngoba, ba . . . Uma lokho kwenza ukuthuthumela kwagijima wonke umhlane wakho, kuzobanjani uma iziNgelosi, futhi zimi phambi kukaNkulunkulu, imini nobusuku, zihlokoma, 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla. Ingcwele, ingcwele, ingcwele'?" Ngani, leli yizwe elithule du oyoke uphile kulo." Kunjalo.

157 Esihogweni kuzobakhona ukukhala nokulila. EZulwini kuzobakhona ukuhlokoma nokumemeza. Ngakho u—usendaweni ethule du oyoke ube kuyo, njengamanje. Ngakho ufanele nawe ukwejwayele, endaweni eyodwa noma enye. Ngakho ngingaqoka nje ukuzikhethela futhi ngibe semva kweZwi likaNkulunkulu. Beningethande nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Qhubekani nje niLifuqa. "Lingu ISHO KANJE INKOSI. ISHO KANJE INKOSI." Qhubekani nje nifuqa. Kulungile.

158 Yebo, akumanga encasiselweni enemininingilizo yabo yesayense. Futhi namhlanje, uma bebona uMoya kaNkulunkulu okwazi ukwehlulela imicabango yenhliziyo, njengoba uNkulunkulu asho njalo, asho phambili futhi abikezele, akhulume ngezilimi, ahumushe, zonke leziziphiwo ezehlukene, bathi, "Ngukufunda umcabango." Niyabo? Bazama ukukungenisa. Bathi, "Awu, siyakubona kwenziwa, kodwa niyazi ukuthi kuyini, kungukufunda imicabango komuntu nje." Kodwa kungu ISHO KANJE INKOSI.

159 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Yilokho kuphela engikufunayo. Kuze kube nini na? "Kuze kube sekupheleni kwezwe."

160 Akumi ocwaningweni lwabo lwesayense, ngakho bayaLihleka. Futhi benza into efanayo emihleni kaNowa. O, yebo. Akumi emzindlweni wabo. Ungeke uKukhiphe ngomzindlo, kodwa LiyiZwi likaNkulunkulu ngokufanayo nje. Kulungile.

161 Ngakho uSathane waqala ukuhlasela kwakhe phezu kweqembu likaNowa, njengoba enza nje e-Edene. Futhi ngamunye kwakufanele akhethe, ngokukholwa. Udumo! Hhayi into ethize oyithengile, kodwa ngokukholwa. Futhi indlela kuphela ongahle ukwazi ngayo, ngokukholwa, ukholwe amanga ehlelo, kungukwala iZwi likaNkulunkulu, kuqala. Ucabanga ngensindiso na? Yiyo *Le*. Futhi indlela kuphela ongeke waLikholwa ngayo, uzofanele ubeke ukukholwa kwakho emangeni-mbumbulu kaDeveli, ngomzindlo; esikhundleni

sokukholwa yiZwi likaNkulunkulu, ukuthi ufanele uzalwe ngokusha. Futhi uma uzalwa, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. O, ngiyakuthanda lokhu. Lokho kuzwakala kukuhle kimi. Niyabo?

162 Kholwa yiZwi laKhe, akunandaba ukuthi ubani omunye utheni. "UNkulunkulu washo njalo. UNkulunkulu washo njalo."

Uthi, "Awu, Leli lingu *kuthi-nokuthi.'*

"Kodwa, uNkulunkulu washo njalo."

"Awu, thina, Presbyterian."

"Anginandaba. Kodwa, uNkulunkulu washo njalo."

"Siyi Bap- . . . "

"Anginandaba. UNkulunkulu washo njalo." Niyabo?

"SiyiKatolika."

"UNkulunkulu washo njalo." Niyabo? Hlala ngqo kanje.

"Awu, umelusi wethu uneziqu eziningi kabi."

"Kodwa, uNkulunkulu washo njalo."

"Uphapha wethu una *lokhu*. Ababhishobhi bakithi bana *lokhu*."

163 "Kodwa, uNkulunkulu washo njalo." Hlala khona lapho. Kungukuqiniswa kwethu, kuqiniswe eZwini likaNkulunkulu, kusongiwe ngqi. Uzokwenza kanjani . . .

164 Ngani, ubhaphathizwe eZwini. Kunjalo. "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye, nalowoMzimba unguKristu." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. "NgaMoya munye, sonke sabhaphathizelwa eMzimbeni kaNkulunkulu." Manje-ke, ubhaphathizelwe kuNkulunkulu. Uqiniswe ngoNkulunkulu. IZwi laKhe liyinqaba yakho enkulu. Ungumbhoshongo onamandla. "IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla, abalungileyo bagijimela kuWo balondeke." Uyinqaba yami enkulu, uyishaspele yami, isihlangu sami, izicathulo zami, isigqoko sami, ibhantshi lami, inhliziyo yami, konke kukho konke okwami, uNkulunkulu, konke kukho konke. UNkulunkulu! Ngisongwelwe ngqi kuYe, ngifile ezweni, ngavuka naYe ekuvukeni. "Akusesimi engiphilayo, kepha uKristu uphila kithi."

Sibheke ukufika kwaloloSuku olujabulisayo lweminyaka eyinkulungwane,
Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika khona futhi ihlwithe uMlobokazi waYo olindile;
O, izwe liyabubula, likhalela lolosuku lokukhululwa okumnandi,
Lapho uMsindisi wethu eyobuyela emhlabeni futhi. (Khona-ke abamnene bazakudla ifa lomhlaba.)

165 Ngamunye wayefanele akhethe, ngokukholwa. Ufanele ukwenze. Wena, namhlanje, ufanele ukholwe a—amanga kaDeveli noma ukholwe iZwi likaNkulunkulu. Lokho ngukuthi, okunye kwakho. Manje, sithola ukuthi . . .

166 Ake sithathe uNowa umzuzu nje, ngaphambi kokuba sisuke lapha. Sengathi ngiyabona, uNowa, niyazi, sinezinye izinto esifanele sedlule kuzo. Sengathi ngiyambona ehla ngomgwaqo, yena ethi, "Ukwahlulela kuyeza."

Ngani, bona, "Wazi kanjani? Nhloboni yokwahlulela?"

167 "UNkulunkulu ushaya lesisizwe esinesono. Amadodana kaNkulunkulu iganwe ngamadodakazi kaKayini, futhi nankaya. Bukani ukuthi seniyini. Nifulathele uNkulunkulu. Seninezenu ezinkulu, izinqubo zenkolo. Ninazo zonke lezizinto, kodwa uNkulunkulu uzoshaya umhlaba."

168 Bathi, "Umfo omdala ozihluphekelayo, uthe uku . . . Myekeni nje. Niyabo? U . . . "

169 Kodwa wayeno ISHO KANJE INKOSI. Wayengakufakazisa lokho ayekusho, kodwa abakukholwanga lokho. Niyabo? WayeneZwi leNkosi.

170 Manje, mhlawumbe, usuku nosuku, futhi bahleka futhi bahlekisa. Abantwana mhlawumbe bethi wo wo kuye.

171 Kodwa uNowa waqhubeka ngqo eshumayela, noma kunjani. Nawo wonke umndeni wakhe nabo bonke abaphendukile baqhubeka ngqo bekholwa, noma kunjani. Wonke lowo owayelandela uNowa wamkholwa uNowa. Kunjalo. Babefanele bazikhethele, ukukholwa ngokwakushiwo yizwe, noma bakholwe yilokho okwakushiwo yilomprofethi onamandla ogcotshiweyo.

172 Ngakho wathi, "Manje qaphelani. UEnoke uzohamba, ngolunye lwalezizinsuku, bandla. Futhi uma kwenzeka, uma uEnoke emuka, kungcono singene. Sizolahlekelwa nguEnoke. Uzohlwithwa. Ngakho, kungcono singene." Ngakho, baqaphelisisa lapho izinsuku zedlula.

173 Emva kwesikhashana, uNkulunkulu, "Besengenele ukwenama kwabo. Besengenele yizinhlamba zabo. Ngizowuletha. Thatha izilwane manje. Yenyukela lapho umpongoloze, 'Haleluya,' cishe kahlanu, nezinyoni zizoza

zindiza. Onke amabhubesi, konke okunye, kuzokuza, ngakubili ngakubili. Mpongoloza, 'Ayidunyiswe iNkosi,' cishe kane noma kahlanu, futhi zizokuza lapha." Niyabo?

174 Manje, ngakho uNowa walungiselela, nazo zonke izilwane zangena, kwase kuthi noNowa uqobo lwakhe wangena. Futhi ngakho ngenkathi engena, ngiqagele into yokugcina ayisho, wayemi emnyango futhi ethi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI. Ubizo lokugcina!"

175 Yilapho esimi khona namhlanje, mfowethu, emnyango womKhumbi. UKristu uyilowoMnyango. Uma uzokuthatha ngokwangempela lokho, futhi ufune ukusebenza kukho kancanyana, uthathe ngale eZambulweni, phakathi konyaka waseFiladelfiya nowaseLawodikeya, Wathi, "Ngibeke umnyango ovulekileyo phambi kwakho, futhi wakwenqaba." Niyabo? Lelo yihora esiphila kulo, ngaphambi nje kwembubhiso. Umnyango ovulekileyo, kodwa abalalelanga. Manje, baMkhiphela ngaphandle.

176 Manje, wama emnyango, futhi wamemezela, "Ihora eseliseduze ukuthi nxa iZwi likaNkulunkulu engilikhulumile lizogcwaliseka." Kunjalo. Wangena emkhunjini.

177 Futhi ngenkathi engena emkhunjini, niyazi ukuthini? UNkulunkulu wavala umnyango. O, he! Akukho-muntu okwadingeka ukuthi awuvale. Wavalwa nguNkulunkulu. Kwakuyilokho kuphela. Ithuba lokugcina lokuba usindiswe lalingasekho.

178 Ngakho, sengathi ngiyabona, abantwanyana babambana ngengalo nengalo, bekake lokho, cishe umkhumbi ongamayadi angamakhulu amahlanu lapho. Nabafokazi abadala bahamba bazungeza base bethi, "Awu, lowomfo omdala uzobulawa ukufuthelana phakathi lapho." Niyabo? Ngakho, kuwo, behlekisa ngaye, ngokufanayo nje, benza ukuklolodela. Futhi niyazi, wonk'umuntu . . .

179 Manje lalelani. Mhlawumbe lokhu kuzonisiza. Lalelisisani. Uma uthatha iZwi likaNkulunkulu, futhi ulandele iZwi likaNkulunkulu, eziningi izikhathi, ukuthi, emva kokuba sewenze konke onamandla okukwenza, ukukholwa kwakho kubekwa ekuvivinyweni. Lapho akukho-muntu lapha kuphela abafo basekhaya. Ngimi kuleyonkundla khona manje. Kunjalo. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Imvuselelo isiphelile. Niyabo? Angazi ukuthi ubizo olulandelayo lukuphi. Ngimi nje—nje, ngibuka ngokwethuka kemizwa, ngimangala ukuthi yini elandelayo.

180 UNowa wangena. Walandela intando kaNkulunkulu. UNkulunkulu wavala umnyango emva kwakhe, kodwa azange line ezinye izinsuku eziyisikhombisa. Kuyamangalisa ukuthi uNowa wayecabangani, ngasosonke isikhathi phakathi lapho na? UNowa ehlezi emkhunjini, umnyango uvaliwe.

Wacabanga, "Nje noma ngasiphi isikhathi, bantwana, nizolizwa. Sizodonsa umnyango, isivalo phezulu lapha ekugcineni." Babephezulu kwiphansi elisesicongweni, niyazi. Izilwane endaweni ekugcineni ngaphansi, izinyoni kwelandelayo, futhi bona babephezulu ekugcineni. Lelolanga . . . "O, ekuseni, kuzoba—kuzobakhona into ethize lapho, ukuba-mnyama, imvula izofika." Kodwa, ngokusa okulandelayo, nakhu kuphuma ilanga.

181 Mhlawumbe abanye abantu, lolohlobo oluyingxenye ewuhhafu olwamkholwayo uNowa, ngahle ukuba lwenyukela lapho futhi lwama lwazungeza umkhumbi, lwathi, "Niyazi uk'thini? Leyondoda endala ngahle ukuba ibiqinisile. Kungcono sime lapha." Awu, manje babe "bone iphutha."

Abaprofethi abenzi-phutha. IZwi likaNkulunkulu ngeke lehluleka.

182 Ningizwile ngishumayela ngakho, mayelana noJona eya eNineva. Bathi wayehlubukile. Impela wayengenjalo. Wayesentandweni kaNkulunkulu ngqo. Impela. WayeneZwi leNkosi, futhi wahamba wangena kuLo.

183 Lapha, uNowa wathi, "Manje, bantwana, nonke qoqanani, futhi nizobona ifu lokuqala ukuba lize libekhona esibhakabhakeni. Lizokwehla, ekuseni." Awu, ilanga liyaphuma. "Awu, mhlawumbe ngelesishiyagalolunye nqo. Sizoqaphela ngelesishiyagalolunye nqo. Eleshumi nqo? Eleshumi nanye nqo? Eleshumi nambili nqo? Elesithathu? Elesine? Elesihlanu? Elesithupha? Wewu! Uvale umnyango izolo, futhi."

184 Abanye babo bathi, "Awu, uyaz'ukuthini? Ngizovumelana noDadewethu Susie ezansi lapho kuleyo enkulu . . . ebandleni lakhe elikhulu. Lelokhehla liyahlanya. Niyabo? Lenyukela lapho lase livala lowomnyango, lase lithi, 'Imvula ibizokuna,' futhi lihlezi lapho. Futhi, manje-ke, akukho lutho kukho. Niyabo? Ilanga liyaphuma ngqo, lahamba lanqamula njengoba lalihlala lenza. Ayikho into okuthiwa yimvula." Ngakho-ke, lawo asivivi, amakholwa uhhafu, anhliziyo inguhhafu, elingavumi ukuthatha uNkulunkulu, aze ayongqubuzeka ekupheleni komgwaqo, phila noma ufe! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

185 Yima esimweni sakho esiqinisiweyo. Phila noma ufe, cwila noma uminze, hlala lapho nje ngokufanayo.

186 Ngenkathi uAbrahama, ubaba wabathembekile, wahosha umese, wadonsa izinwele wazibhekisa emuva ekhanda lomntanakhe, ukuba anqume umqala, wathi, "Ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu angamvusa kwabafileyo, emfanikisweni engimuzwa ekuwo." Wayevuma ukulandela iZwi likaNkulunkulu kuya ekugcineni. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

187 Akunandaba ukuthi kuyini, hlala khona lapho. Uma yonke into ibonakala sengathi, awusakwazi ukuqhubekela phambili ngeyintshi elilodwa, hamba leliyintshi. Futhi uma ushayisa odongeni, yima lapho uNkulunkulu aze enze indlela yokwedlula kukho.

188 Usuku lokuqala lwedlula, usuku lwesibili lwedlula, usuku lwesithathu lwedlula, usuku lwesine, olwesihlanu, olwesithupha. Niyazi, uNowa wayenokuningi kakhulu afanele akwenze. Sengiyabona abanye bebandla lakhe bathi, "Baba, ucabanga ukuthi besifanele ukugibela siphume ngefastela? Ucabanga ukuthi konke bekuyiphutha?"

189 Wathi, "Qha, qha, qha. Bekungubani Lowo othathe uEnoke na? Bekungubani Lowo ovale lowomnyango na? Bekungubani Lowo owenze zonke lezozinto phambi kwethu na? Uma Esihole kwaze kwaba lapha, futhi asivalele phakathi, asihlale naYe."

190 Lokho ngukuthi, iBandla. Uma Esikhuphule wasekhipha ezweni, futhi wasihola kwaze kwaba lapha, futhi wasivalela phakathi naYe, noMoya oNgcwele usizungeze macala onke, phakathi, nangathi, asiMlandele njalo. Kunjalo. Isikhathi sizofika. Isikhathi sizofika. Abahleki abahleka usulu mabasho abafuna ukukusho.

191 Manje-ke, ngosuku lwesikhombisa, ngalokho kusa abantu babephandle emigwaqeni. Babengakaze bayibone into enjalo. Amafu ayekhuphuka, izinhlokomo zokuduma, imibani ibaneka ezibhakabhakeni. Ngelesikhombisa nqo, amathonsi amakhulukazi emvula aqala ukwehla, okokuqala, ebusweni bomhlaba. Sengathi ngiyabona izinyoni zaziklewuza. Yonke imvelo yadatshulwa yonke. Abantu baqala ukumangala, futhi bathi, "Khiphani ithuluzi lenu lesayense. Zamani isibonisi senu irada. Sitsheleni. Okwani konke lokhu na?" Kodwa akusebenzanga. "Asikaze sibone noma yini enjengakho kuyo yonke impilo yethu." Awu, cishe ngesikhathi sasemini, imifudlana yase iqalile ukuphakama. Ngokusa okulandelayo, imifula, ulwandle lwase luqhumile.

192 Cishe izinsuku zokuqala ezintathu noma ezine, amanzi ayesesemigwaqeni yonke, izikhukhula. Abantu babeza benyuka bezungeza umkhumbi, beshaya emnyango. "Vula!"

193 UNowa wayegibele ngqo ehambisana negagasi. Wawusuphakeme cishe amafidi angamashumi amabili-nento, ngikholwa ukuthi iBhayibheli lasho, umkhumbi waphakama wasuka e—emhlabathini, uqala ukuyendezela uhamba.

194 Bakhwela esiqongweni esiphakeme kunazo zonke, balenga egatsheni eliphakeme kunawo onke. Bakhala kakhulu. Nakho konke okwakunamakhala okuphefumula, kwabhubha, okwakungekho kulowomkhumbi. Konke okuphefumulayo kwafa. Babengakhala kakhulu becela umusa, babekhala, kodwa babedelele uNkulunkulu izikhathi eziningi kakhulu

ngangokuthi akusekho lutho olungenziwa ngaphandle kokuletha ubulungiswa baKhe. Nobulungiswa baKhe babungukwahlulela.

195 Kuyafana njengoba Atshela uEva, "Mhla niwudla, kuyobe kumhla nifayo."

196 Manje, ngifuna niqaphele. Sibonile. Sesibonile manje, kabili, ukuthi iZwi lifike lixabane nemizindlo. Futhi manje sekufikile futhi, ukuzindla futhi ngokumelana neZwi. Manje ningakhetha.

197 UJoshuwa washo into efanayo. Wathi, "Manje, uma nifuna ukukhetha onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo abakwenzayo ngaphambi kukazamcolo, niyabo, noma nifuna ukukhonza onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo na? Obaba ngaphambi kukazamcolo, bagibela bedlula kuzamcolo, abakholwa yiZwi likaNkulunkulu. Ama-Amori ayeLenqabile. UNkulunkulu uninike izwe lawo. Manje, uma nicabanga ukuthi kubi ukukhonza uNkulunkulu, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza. Kepha mina nendlu yami, siyakuhlala neNkosi ngqo." Amen. Ngiyakuthanda lokho. Ingxabano.

198 Qaphelani. Ngosuku inqaba eyephulwa ngalo, e-Edene, umuntu "waphuma." Amen. Baphuma. Futhi ngosuku abagcina ngalo isivumelwano sikaNkulunkulu, ekubhujisweni kwezwe lasemandulo umhlaba ungakabhubhi ngamanzi, ba "ngena." Baphuma e-Edene. Bangena emkhunjini. Futhi ngalolu lwesithathu, baye "nyuka." Phuma, ngena, yenyuka! Amen. Siyakubona abakwenzayo kabili. Ngizoma neNkosi. Anifuni ukuma, nani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngifuna ukugcina iZwi likaNkulunkulu.

199 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Okulungile kumelene nokungalungile; ukuKhanya kumelene nobumnyama; ukuPhila kumelene nokufa; iZwi limelene nesayense. Kunjalo. Ucwaningo lwesayense luyofakaza ngokuphikisana neZwi, njengoba becabanga ukuthi kwenzenjalo, kodwa alufakazi ngokuphikisana neZwi.

200 USathane wayenayo, unayo inqubo yakhe iyasebenza futhi, ukuthola abantu ukuba bangakholwa yiZwi likaNkulunkulu. Indlela kaSathane engesiyo yokukhonza, njengoKayini nanjengoBalamu, babekholwa impela.

201 UKayini wayekholwa. Waletha ialtare, wenza ialtare. Futhi, ngokusobala, uKayini wayekholwa ukwedlula uAbela. Impela wayenjalo. Wenzela iNkosi okuningi kunoma kwenza uAbela, kodwa uAbela uza ngendlela yeZwi. Yilokho kuphela. Wenze okuningi kakhulu. Wakha ihlelo elikhulu. Wakha into enkulu, ifa elikhulu lamaKristu. Kodwa, niyabo, uza ngendlela engesiyo. Futhi yayi . . . Ayemukelwanga. Manje, ayisiyo, ngokuba yayiphambene neZwi.

202 UBalamu wayekholwa njengaye nje uMose. Ufika nomhlatshelo ofanayo, amawundlu afanayo, izilwane ezihlanzekile ezifanayo, nakho konke. Futhi wakhuleka kuNkulunkulu ofanayo, futhi wanikela ngomhlatshelo kuNkulunkulu ofanayo njengoba kwenza uMose, nakuba eza ngendlela engesiyo. Niyabo? Yayiphambene neZwi, njengoba kwakunjalo e-Edene.

203 IZwi ngeke lixubane nemcabango ongenabufakazi wesimanje. Niyabo? Ungeke waba nomcabango ongenabufakazi wesimanje. Manje, sengivala, lalelisisani. IZwi ngeke lixubane nayimuphi umcabango ongenabufakazi wesimanje. Lingeke laba nomcabango ongenabufakazi libe neZwi futhi. Ufanele ube neZwi noma umcabango ongenabufakazi. Manje ikuphi ozokukholwa?

204 Uma iBhayibheli lifundisa ukuthi umbhaphathizo u "seGameni likaJesu Kristu," nebandla lithi ngu "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," manje-ke ubani ozomkholwa na? Uma uJesu athi, "Umelwe uzalwe ngokusha," nebandla lithi, "Woza ujoyine," manje yikuphi ozokukholwa na? NoJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," nebandla lithi "uyilunga elihle nje," ubani ozomkholwa na? Uma uJesu athi, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza," nebandla lithi "izinsuku zezimangaliso selwedlule," ubani ozomkholwa na?

205 Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Bengingama lapha ihora, phansi impela kulezozinto, ngiletha lezozinto ezehlukene, ukuthi umcabango ongenabufakazi uyakha kanjani inqubo ukuba uthikameze iZwi likaNkulunkulu.

Manje, maKristu, hlalani emva kweZwi. Yebo, mnumzane.

206 Indlela engesiyo yokuphila, izama ukuLixubanisa. Namhlanje bathatha laba besifazane ogqoka noma ikanjani. Bathatha lamadoda, uma ebhema, ephuza, kumbe noma yini enye, babenze abadikoni, kanjalonjalo, ebandleni, ngisho nabelusi. Laba abagqokile, abesifazane, noma ngayiphi indlela abafuna ukugqoka ngayo, bese bebangenisa futhi babenze odade ebandleni. Ungalokothi uzame ukuya eZulwini kanjalo. Ngeke nje kuxubane nomcabango ongenabufakazi wesimanje.

207 Ngakho, sinezinhlobo ezimbili namhlanje oluzishoyo. Manje lalelisisani, sengivala. Sinezinhlobo ezimbili oluzisho ukuthi lunguMlobokazi kaKristu. Kunjalo. NeBhayibheli likhuluma ukuthi kuyoba khona izinhlobo ezimbili. Kunjalo. Intombi ehlakaniphile neyisiwula. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kukhona izinhlobo ezimbili.

208 Ibandla lithi, "Yithina iBandla." Bayaphuma bese beba nalemikhankaso emikhulu yokuvangela, bafake lababantu ebandleni. Abesifazane bayaqhubeka nendlela yabo yokwenza. Abesilisa bayaqhubeka nendlela yabo yokwenza.

209 Abayiguquli neze imfundiso yabo. Banayo yonke ibhaliwe, futhi yenziwa yaba yizincwadi, futhi yabekwa phansi, nalezo isiVumo sabaPhostoli, nemikhuleko ethize, nawo onke lamakhathekizima, nakho konke amaMethodisti, amaBaptisti, namaPresbyterian, neKatolika, nawo onke, awafundayo. Futhi ayalemukela lelokhathekizima ngoba indoda ethize edumile emuva ngemuva yathi lokho kwakulungile. Ingahle ukuba yayiyindoda edumileyo, ingahle ukuba yayiqinisile, kodwa ayinalo igunya lokusho lokho.

210 Isizathu, iBhayibheli liyigunya likaNkulunkulu. LiyiZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. "Noma yimuphi umuntu onezelela into eyodwa kuLo, noma asuse noma yini kuLo, naye uyosuswa (isabelo sakhe) eNcwadini yokuPhila." Lokho ngeke kwenziwa kanjalo, manje.

211 Kodwa sinababili abazisho lokho. Omunye wathi, "Awu, yithina iBandla." Omunye wathi, "Yithina esiyiBandla." Kulungile.

212 Ehlakaniphile neyisiwula, bobabili bamenyiwe. Kodwa nike naqaphela na? Bobabili babenezitsha na? Kunjalo. Bobabili babeyizintombi, amakholwa. Bobabili babenezitsha.

213 Kodwa, uSathane ungaphezu kokuqhathaniswa nathi. Siyakwazi lokho. Siyazi ukuthi uSathane ukude le ukuthi a—angaqhathaniswa nanoma yisiphi isidalwa esingumuntu. Ungazami ukukwenza ngokuhlakanipha kwakho, umedlule ngokuhlakanipha. Nje ungeke wakwenza.

214 UJesu wayekwazi lokhu, ngakho Wathumela eBandleni, Lokho, ukuze uSathane angabedluli ngokuhlakanipha, indawo yokuqiniswa. Wabathumela uMoya oNgcwele. NeBandla alizisho ukuthi lihlakaniphile. Bazisho nje ukuthi bayakholwa.

215 Abashumayeli babo abakwazi ukuphuma bakukhombise iPh. yabo, iL. ephindwe kabili, iQ.U.S.T.D., nazo zonke lezi ezinye izinto. Abanazo ezinkulu, izikhathi ezinkulu zokugcotshelwa izikhundla uma begcotshelwa inhlangano zabefundisi. Niyazi, ngangivamise ukucula iculo elincane:

> Lababantu bangahle bangafundi, noma baqhoshe ngodumo lwezwe,
> Bonke bemukele iPentekoste labo, babhaphathizwa eGameni likaJesu;
> Futhi manje bayabatshela ndawo zonke, Amandla aKhe asafana,
> Ngiyajabula ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

216 Yebo, mnumzane. Yebo. Abanazo lezizinto ezinkulu. Abazisho ukuthi kukhona abakwaziyo. Bazisho nje ukuthi kukhona Into abayikholwayo.

217 UJesu wathuma uMoya oNgcwele, onguYe uqobo. Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kepha niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba kini; ngibe nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

218 Manje, manje, manje qaphelani. UJesu wayekwazi, ngakho Wathuma uMoya oNgcwele ukuqinisa iZwi. Wewu! Nikutholile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? "Ukuqinisa," kulabo abathathe isiphephelo sabo emva kweZwi, "ukuthi UseZwini." Niyabo?

219 Abakhiphele lapho. Bayoyihleka inqubo. Bathi, "Bayahlanya."

220 Kodwa uJesu wathuma uMoya oNgcwele, onguYe uqobo, ukuba ungene kulabo abasemva kweZwi, njengeqembu lika-Abrahama, ukuqinisa iZwi phambi kwabo, ukukhombisa ukuthi Useyilo iZwi. Ubone ukuthi uthathe indawo efanele! Kulungile.

221 Umlilo ungukuqiniswa kokuKhanya kuvela eZwini. Bayogcwala . . . Intombi esmati, intombi ehlakaniphile, yayinamaFutha esibanini saYo, futhi Yalungisa isibani saYo futhi yasokhela. Manje, kuyini na? Manje, i . . . UNkulunkulu uyiZwi. AmaFutha nguMoya. NoMlilo ngukuKhanya kweVangeli kulawomaFutha. UNkulunkulu washo njalo, niyabo, leso yisitsha. Kulungile. AmaFutha asesitsheni. NoMlilo, uWavuthisa, kukhombisa ukuthi Ubonisa ukuKhanya kwalokho okushiwo yiZwi. Niyabo? Lokho kungubonisa ukukhanya. Manje, leyontombi ehlakaniphile yayikwazi ukwenza lokho.

222 Kodwa leyo enye, intombi eyisiwula, yayingaphandle, yayingenamaFutha, futhi zazingenakubonisa lutho kodwa nje ibandla lazo nehlelo lazo. Niyabo?

223 Manje, wena uthi, "IZwi," uthe 'iZwi lali—lalinguMoya'?" Yebo, mnumzane.

224 UNkulunkulu wathi, "IZwi laMi linguMoya." Kunjalo. UMlobokazi weqiniso ufanele enziwe abe-munye ngeZwi. Manje, khumbulani, uma Eyingxenye kaKristu, Uzofanele abe yiZwi likaKristu. Ukuze ube yiZwi likaKristu, ufanele ubhaphathizelwe kuKristu. Futhi uma ukuKristu, ukholwa nguKristu, noKristu uyiZwi.

> Amen.
> Amen, amen.
> UyaLikholwa na?

225 [UMfowethu Branham nebandla bacula ngokuphendula, "Amen."—Umhl.]

> UyaMthanda na? ["Amen."]
> UzoMkhonza na? ["Amen."]
> ["Amen, amen."]

UngukuKhanya kwezwe. Kunjalo. [“Amen.”]
Ungukujabula kwenhliziyo yethu. [“Amen.”]
UngaMandla okuphila kwethu. [Amen.”]
[“Amen, amen.”]

226 U—uMlobokazi ufanele enziwe abe-munye, enziwe abe-munye ndawonye ngeZwi. “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.” Futhi *Leli* yiPhimbo laKhe liseZwini elibhalwe phansi. Kulungile. Enziwe waba-munye ngeZwi, UyaZilungiselela, hhayi ngesivumokholo esivamile.

227 NjengoEsteri, ngenkathi uEsteri wayezokhethwa ukuba ame phambi kwenkosi, akazange azihlobise ngazo zonke izinto, kodwa wazihlobisa ngomnandi, umoya omnene. Yilokho uMlobokazi Azihlobisa ngakho, ngazo zonke izithelo zikaMoya zikulandela.

228 Unani na? Ubuthana ndawonye enhlanganyelweni yeZwi. “Amen.” Inhlanganyelo yeZwi. Kunjalo. Ukuhlanganyela, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, kulobubusuku: nhliziyo-nye, ndawo-yinye, Moya-munye, mqondo-munye, themba-linye, Nkulunkulu-munye, nhloso-yinye. “Amen.” Niyabo? Nakho lapho okhona. Ngaso sonke isikhathi uma iBhayibheli lisho noma yini, sithi, “Amen.” Sivuma lonke iZwi ngo, “Amen.”

“UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, phakade.”

“Amen.”

“Phendukani, nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu.”

229 “Amen.” Niyabo, yonke into, nje, “Amen, amen, amen,” kwehle njalo, niyabo, enhlanganyelweni.

230 “Izithelo zikaMoya.” Yena, Unani na? Yini isithelo sikaMoya na? Ukujabula, ukujabula kwenhliziyo yaKhe, azi ukuthi Uyeza masinyane. “Amen, futhi amen, amen.” Yebo.

231 Ukuthula komqondo. Ngani na? Ukuthula komqondo. Ukuthula komqondo. Wazi ini? Akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, umkhumbi mawuyendezele, kufike iziphepho, makubaneke umbani, izulu lidume, noma ngabe yini eyenzekayo, akwenzi-nomncanyana umehluko. Amabhomu ama atomu angehla. Ungakha imipheme yamadwala, imipheme yokuvikela amabhomu, noma ngabe yini ofuna ukuyenza, kodwa Usalokhu ethi, “Amen. Amen, amen.”

232 Ngani? Uqinisiwe. Ini? Uqinisiwe kukuphi na? IZwi, iZwi (ini?) elenziwe inyama, lakhe phakathi kwethu, eMqaphele ehamba phakathi kwethu, embuthanweni wethu. Niyabo? Nango. Ngakho kwenza mehluko muni na? “Amen.” Ingxabano mayiqhubeke.

Ngigxilise okwehange umphefumulo wami esisithelweni sokuphumula,
Ukuba ngingabe ngisagwedla izilwandle ezigubhayo;
Isivunguvungu singashanela ulwandle olunesiphepho olugubhayo,
Kodwa kuJesu ngiphephe njalonjalo.

233 Uthi ukuJesu bese uphika iZwi laKhe na? Kukhona okungalungile. Njalo Yena uthi, "amen" eZwini laKhe. Niyakwazi lokho. Qiniso. Kulungile.

234 Sibuthanela inhlanganyelo. Ukujabula, okunye kwezithelo zikaMoya. Ukuthula komqondo. Nokukholwa eZwini. Ukuthula, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ukukhuthazela, ubumnene.

235 Ukukholwa, nhloboni yokukholwa na? Nhloboni yendlela oyisebenzisa ekukholweni kwakho, ukulwa nengxabano na? Ngabe uzosebenzisa ukukholwa kwakho komunye umcabango ongenabufakazi, ekuzindleni okuthize, eny'into na? "Akusiwo yini umqondo omuhle ukuthi iningi labantu liza kulelibandla na? Leli akusilo yini ibandla elikhulu na?" Qhabo, mnumzane, akusilo. Uma lelobandla lingashumayeli lonke iZwi laleloBhayibheli lapho, nokuthi "amen" kulo lonke iZwi laLo, ukholwe yiso sonke isibonakaliso, sonke isimanga, futhi uzibone zisebenza phakathi kwabo ngqo, bengizodeda kukho, akunandaba ukuthi kukhulu kangakanani, ukuthi kuncane kangakanani. Niyabo?

236 Ukukholwa, uthando, ukujabula, ukuthula, nokukholwa eZwini. Ngakho dedela uSathane ahlele izibhamu zakhe. Sigxilise okwehange. Amen. Asizisho ukuthi singabantu abakhulu. Asisibo abantu abakhulu, ebusweni bezwe. Singabantu abathobile, abantukazana. Asiyikhathaleli imicebo yezwe.

237 Mngane wami, kulobubusuku, ngaqala ngishumayela leliVangeli . . . Isikhathi siyabaleka, ngakho ngizoyeka, bukani, okwalobubusuku. Saqala ukushumayela cishe eminyakeni engamashumi amathathu, into ethize, noma eminyakeni engamashumi amathathu-nanye eyedlula. Cishe ngo 1930, '31, kulezondawo nje, ngaqala ukushumayela iVangeli. Ngashumayela loMlayezo ofanayo, futhi angikaze ngishintshe kuWo, ngoba UyiQiniso. Hlalani naWo nje ngqo.

238 Manje, kulobubusuku, sengiyindoda ephakathi nendima yempilo, iminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala, umkhulu. NgiMthanda ukwedlula engangimthanda ngakho emuva lapho, ngoba ngiMbonile ezivivinyweni eziningi kakhulu nezimpi. Futhi ngibonile, uma ngifika endaweni lapho okwakulinga khona kakhulu, uma ngisho into ethize, njengoNowa emkhunjini, "Lokhu kuzobakhona."

"Manje, qaphelani. O, bakithi! Nkulunkulu, ini . . . "

239 "Kuzobakhona." Hlalani lapho. "Kuzobakhona." Ilanga liyedlula. "Kuzobakhona."

"Ngani uyazi, Mfowethu Branham?"

240 "UNkulunkulu washo njalo. Kuzobakhona. Kuzofanele kubekhona. UNkulunkulu washo njalo." Ngakho, ngigxilise okwehange umphefumulo wami esiSithelweni sokuphumula. KuJesu ngiphephe njalonjalo. Noma ngabe kufikani noma kuhambani, asikuthathe ngaleyondlela.

Manje asikhothamise amakhanda ethu, ukuba sibonge Yena.

241 Ngabe ukhona omunye lapha kulobubusuku, ongaMazi futhi ongakagxilisi okwehange kanjalo na? Awukaze usithathe isinqumo sakho esikhulu ngeZwi likaNkulunkulu, futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngizophakamisa isandla sami, futhi ngithi, 'Ngikhumbule emkhulekweni. Angikaze ngisithathe isinqumo esinjalo, ukuthi ngizokwethemba uNkulunkulu kungenandaba ukuthi kufezekani. Ngizothatha iZwi laKhe, akunandaba ukuthi noma ubani wathini noma wenzeni, bengisalokhu ngilikholwa iZwi laKhe. Ngifuna ungikhulekele, Mfowethu Branham. Ngikholwa ukuthi ingxabano ikhona, futhi ngithathe isinqumo sami e . . . Angikaze ngisithathe isinqumo sami, kuze kube manje. Ngifuna ukusithatha, ngasohlangothini lukaNkulunkulu, naneZwi."

242 Bangaki, manje-ke, osuvele usithathile isinqumo sakho, futhi umi emva kweZwi leNkosi na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngibonga kakhulu ukuthi ngikwenzile." UNkulunkulu akubusise. Amaphesente ayikhulu. Akabongwe uNkulunkulu, ngisho nabantwana abancane baphakamise isandla sabo. He, he!

243 O, uma lokhu kungesikho okwangempela! Izindawo zaseZulwini kuKristu Jesu, uqiniswe ngeZwi. Uqiniswe ngeZwi, ngobuKhona bukaMoya lapha, uqinisekisa, ufakazisa kithi, njengoba benza ezinsukwini zasekuqaleni: iVangeli elifanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, uNkulunkulu ofanayo, iZwi elifanayo, efeza izinto ezifanayo.

244 Abantu bamile, uMoya wehlela phezu kwabantu ngesiphiwo sesiprofetho, iziprofetho. Omunye uzoma, uMoya wehlele phezu kwabo, ukuba bakhulume ngezilimi. Bazokhuluma ngezilimi; bathule, nomunye uzokuhumusha. Futhi kuzofezeka. O, he!

245 Sibona amandla ethu amakhulu kaMoya oNgcwele uguqula izimpilo zethu zisuka empilweni yesono, usikhuphula usikhipha kulokho, futhi usenza izidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Siyibonga kakhulu kanjani iNkosi!

246 Baba waseZulwini, kuhle ukubuthana naleliqembu labantwana baKho, kulobubusuku, laba abagogobele ezansi lapha eClarksville. Ngijabula kakhulu ukubona lelibandla

liqhubekela phambili, ukubona umelusi, kungekho noyedwa ongakholwa phakathi kwabantu, bonke besesiPhephelweni. O, siKubonga kakhulu kanjani ngalokho, Baba!

247 Ngicabanga ngenyamazane iantelope encane, ngesinye isikhathi. Yayi phumile esiphephelweni, nezinja zokuzingela zaziyilandela. Futhi yayibalekela ukuphila kwayo ekuthandayo. Futhi lapho isifika othangweni lapho okwakukhona isiphephelo, yalweqa uthango, futhi yajabula kakhulu. Yathimula, yase ijika yabuka lezozinja zokuzingela, ngoba yase iphephile. Azikwazanga ukugibela othangweni, zazingakhiwanga ngaleyondlela. Uma zaziyothinta uthango, zaziyoshaywa zibuyele emuva wukubanjwa wugesi.

248 Yileyondlela esiyiyo, Nkosi. Lapho esiba khona semva ko—kothango lweZwi likaNkulunkulu, aMandla kagesi kaMoya oNgcwele amisa isitha sethu kude. Ngeke salweqa uThango; asenziwe ngaleyondlela. Baba, siyaKubonga ukuthi Wena usenze ukuba sikwazi ukugxuma ukuba siphephe, Nkosi, singene kuKristu Jesu. Sijabula kakhulu, Nkosi, siphephe njalonjalo.

249 Siyakhuleka manje ukuthi Uzobusisa lelibandla elincane, umelusi walo, abathandekayo balo. Busisa wonke lowo olapha, kulobubusuku. Busisa wonke umfundisi.

250 Sikhulekela owethu oligugu nonobuqhawe kakhulu uMfowethu Neville. Futhi manje, njengayizolo, uSathane ubezama ukumdonsa amsuse enkundleni, emfihliza kuleyomoto. Futhi ubezama ukwenza into ethize embi, kodwa Wena ubulapho enkundleni. Nkulunkulu, wazama ukuthatha mina ngoluny'usuku, ezansi endaweni yokufundela ukudubula. Kodwa Wena wawulapho enkundleni. Wazama ukuthatha uMfowethu Williard Crase, ngenkathi ebhaklazeka kulelopali, kodwa Wena wawulapho enkundleni. O, kuhle kakhulu ukwazi Wena. Njengoba kwake kwasho umlobi-zinkondlo:

> Kumnandi kakhulu ukwethembela kuJesu,
> UkuMthatha nje eZwini laKhe,
> Ukuphumula nje ezethembisweni,
> Ukwazi nje u, "ISHO KANJE INKOSI."

251 SiKubonga kakhulu kangaka! Busisa imiphefumulo yethu. Thethelela izono zethu. Philisa ukugula, Nkosi, okuhlala phakathi kwethu. Siyazi ukuthi lemizimba emidala efayo ibuthakathaka, futhi iyayendezela ngaphansi komfutho wokugula, futhi sikhulekela ukuthi Uzosigcina siphilile, ukuba sishumayele iVangeli. Masiphile iminyaka eminingi yokujabula uma uJesu elibala.

252 Futhi kwangathi sonke singalungela uHlwitho, sonke siseMkhunjini wokuphepha, kuKristu Jesu, ngaMoya-munye, sibhaphathizelwe lapho; phezulu kwiphansi elingaphezulu, lapho esingabona khona ukuKhanya kweVangeli kukhanya phakathi, futhi kuvuma lonke iZwi ngo "amen." Siphe khona,

Nkosi. Babusise futhi ubagcine. Ngiyababiza babengamagugu omqhele waKho, Nkosi, eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthin' waseKalvari.

253 Manje, njengoba sazi, iZwi ngesinye isikhathi liyasika, kodwa siLithanda ngaleyondlela. "IZwi likaNkulunkulu," kwasho amaHeberu 4, "libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili." Linqamula yonke into, izinhlangothi ezimbili, lifika futhi lihamba. "Kanti futhi Linamandla kakhulu, lishesha kakhulu, lisika lize lahlukanise, lingene emnkantsheni wethambo, futhi lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Kuyini na? IZwi! IZwi! Niyabo? Futhi manje, emva kokuba sesibe nosika ngempela, uMlayezo ol'khuni . . . NiWujabulele na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Ingxabano! Anijabuli ukuthi niqinisiwe, kulobubusuku na? ["Amen."] Lakha ukukholwa namandla nethemba, eBandleni. O!

Ngimi kuKristu iDwala eliqinile;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

254 Manje ake siYikhonze nje cishe imizuzu emibili noma emithathu, nizoyikhonza na? Asivale amehlo ethu nje, siphakamise izandla zethu.

255 Dadewethu, othandekayo, sinike indlela, *Ng'yaMthanda*. Uzosinika, kulelo? Ngizoyithola.

Ng'yaMthanda,

Ziqaqe wena nje manje. Khonza!

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

256 Manje ake sibhekane, bese siyaxhawulana. Sithi:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

257 Kwakuyini iKalvari na? IKadeshi-barineya laKhe. Wenzani na? Wenyukela lapho, wayesethi, "Umuntu uyaphila emva kokufa. Ngizokufakazisa kini." Wenyukela lapho, eKadeshi-barineya, wathatha ukwahlulelwa kwethu sonke. IKalvari! Wafela izono zethu, wase ewela umfula wokufa. Ngosuku lwesithathu, Uyabuya. Itshe lagingqika lehla ngegquma, wase Eyaphuma, ephila.

Abanye babo bathi, "Uyithonga."

258 Wathi, "Ngiphatheni. Ithongo linayo inyama namathambo njengoba Nginakho mina na?" Wathi, "Ninakho ukudla na?"

259 Bathi, "Sineqa lezinyosi phansi lapha, ngiqagele, nenhlanzi."

260 Wathi, "Asithathe iqatha lalo." Futhi bakuthatha bakudla. Wathi, "Niyabo, ithongo alidli njengoba Ngidla." Wathi, "Manje, yenyukelani lapho eJerusalema, bese niqala ngeVangeli, ukusukela lapho. Futhi Ngizobuye nginithumelele uLibo lwe . . . lokuvuka kwenu, ngoba Ngizoniphakamisa nginisuse ekungakholweni eZwini, bese nginenza nibe nokukholwa kuLokhu, futhi nikholwe. Futhi nizoba ngaphezu kwesono nakho konke ukungakholwa. Futhi leyondlela, ezinye zizowela emlindweni owodwa, umlindo ombili . . . "

261 Khumbulani, ba . . . Umlindo wesikhombisa, nikukhumbulile lokho na? Umlindo wesikhombisa kungalenkathi Efika. Wawuyini umlindo wesikhombisa na? UMlayezo wengelosi yesikhombisa. Umlindo wokuqala, zalala, umlindo wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu, wesithupha; kwedlule kwehle njalo, iThiyathira, futhi kwedlule kwehle njalo kuyo yonke iminyaka, kwehle kuze kuyofika emlindweni weLawodikeya. Kodwa emlindweni wesikhombisa, iPhimbo liyafika, "Bhekani, uMyeni uyeza, phumani niMhlangabeze." Futhi ini na? Zavuka zalungisa isibani sazo.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba . . .

262 Wena osekugcineni? [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye mayelana nokuqopha ngeteyipu—Umhl.]

. . . Wa kuqala . . .

263 [Omunye uthi kuMfowethu Branham, "Ngineteyipu engaka."—Umhl.] "Futhi . . . " Ungayithola na? Usenayo enye engako? Unayo enye engako iteyipu? Unayo isizophela? Iteyiphu isizophela? Ungayithola?

Emthini waseKalvari.

264 O, he! Dadewethu Ruth, bengingaqondile ukuthi ivalwe. Bengicabanga ukuthi bengizama ukudlala lamaculo amahle ngaphandle. Bengifuna ukuthola lelo liteyipwe, niyabo? Bengizama ukwenza, ngibambe lamaculo, niyabo, lapho liphuma. Anilithandi lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyazi, ngiyakuthanda okuhle, ukucula okudala kwepentekostal.

265 Bengihlala njalo ngithi, "Ngiyalizonda iphimbo eliqeqeshwe kwaze kweqa, lowo obamba umphefumulo wabo baze babel'hlaza-s'bhakabhaka ebusweni, kokunye, 'Ukunswininiza.'" Futhi aba . . . Abaculi. Benza umsindo nje. Niyabo?

266 Ngiyakuthanda okuhle, ukucula okudala, niyazi, okusuka enhliziyweni yakho, njengo—njengo, "Amen. Amen, amen." Anikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyalithanda leli.

Ukukholwa kuYise, ukukholwa eNdodaneni,
Ukukholwa kuMoya oNgcwele, laba bobathathu baMunye;
Amademoni ayothuthumela, nezoni ziphaphame;
Ukukholwa kuJehova kwenza yonke into izamazame.

267 Amen. Kwenza lombuso kaDeveli ubuthuke futhi uwe. Kuphendulele lawo magama amakhulu aqhumayo ku, "ISHO KANJE INKOSI." LeloZwi likaNkulunkulu le atomu liphuma lindizele lapho futhi livele nje liwuhlakaze nya umbuso kaSathane. Amen. Manje-ke, "Phambili mabutho angamaKristu, limasha njengeliya empini." Kunjalo. Kulungile.

268 Asicule futhi manje, wonk'umuntu, ngalolonke iphimbo lakho, namehlo enu evaliwe, izandla ziphezulu emoyeni, *Ng'yaMthanda*. Kulungile, dadewethu, othandekayo. Kulungile.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

269 Baba waseZulwini, ezandleni zaKho manje siyabubeka ubuntu bethu. Yenza kithi njengoba Ubona kufanele. Sethemba ukuthi Uzosisebenzisa, Nkosi, ukuletha ukuKhanya kwabanye emphakathini wakithi nanoma yikuphi lapho siyoholelwa khona. Futhi, Nkulunkulu, Wena siqaphe manje, futhi usivikele size sikwazi ukuthola ukuthi sibonane futhi, futhi siphathe izinyanda eziligugu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

270 Manje, kuyintokozo ukuba nani nonke, kulobubusuku, sibe nesikhathi senhlanganyelo. Ngizobuyisela ipulpiti kumelusi wenu othandekayo, uMfowethu Junie.

Kulungile, Mfowethu Junie.

